# *UMholi*

INkosi ikubusise, Mfowethu Neville. Ngiyajabula kakhulu ukubuyela endlini yokukhonzela kulobubusuku. Ngithe nje ukusha izwi kancanyana. UMlayezo othe ukuba mude namhlanje ekuseni, futhi ngijabula ngempela Ubulapha, nokho. Futhi ngaWujabulela nami, ukuWuletha, futhi ngiyethemba nikujabulele ukuWuzwa.

2 Ningakhohlwa manje, njalo khumbulani lokhu, ukuthi lezi yizinto ezakha inceku kaKristu. Niyabo, ukukholwa kuqala, bese kuba ngamandla. Futhi manje khumbulani, uMoya oNgcwele ungeke wavala phezulu indlu kaNkulunkulu zize lezizinto zisebenze ngoMoya. Niyabo? Akunandaba ukuthi wenzani, niyabo. Lezo yizinto eyakha uMzimba kaKristu, niyabo, lezozinto. Manje, ningakukhohlwa lokho, ukuthi lokhu *lapha* kungokokuqala, ngukukholwa kwakho; amandla, ukwazi, nokunjalo, kufanele kwengezelwe kukho, kuze kuthi umumo ophelelisiwe kaKristu ubonakaliswe, bese-ke uMoya oNgcwele ufike phezu kwawo bese uwubeka uphawu njengoMzimba owodwa. Lezizinto zifanele zibe khona. Ngakho-ke, uJesu wathi, "Baziwa ngesithelo sabo." Niyabo, isithelo! Wawungeke uthele isithelo ngaphandle kwalezizinto zisithele kuwe. Bese-ke uma konke lokhu kuthatha indawo yokwezwe no—nokungamesabi uNkulunkulu, nokunjalo, khona-ke konke ukungakholwa kuyakhishwa, bese zonke izinto zezwe ziyedlula, bese kungabikho lutho kuphela isidalwa esisha kuKristu. Futhi-ke abase Efesu 4:30 kuthi, "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enabekwa uphawu ngaye kuze kubelusuku lokuhlengwa kwenu." Nabekwa uphawu eMbusweni kaNkulunkulu! Manje, ningakukhohlwa lokho. Kugcineni emqondweni lokho manje, kuthatha *lezi*zinto kuqala. Khona-ke ukubekwa uphawu kunguMoya oNgcwele, isiValo esisivala ngophawu eMzimbeni. Kulungile.

3 Sinesi—isicelo manje sikaDadewethu Little, wase Chicago, umyeni wakhe ubesengozini yemoto futhi ulele nje useduze kokufa, uDadewethu Little. No Edith Wright, udadewethu omncane lapha esesimazi isikhathi eside, mubi, kabi kabi, ekhaya lakhe kulobubusuku, futhi bebefuna ukumemezela lokhu ebandleni ukuze sonke sikhuleke kanyekanye mayelana nalesisicelo. Futhi manje asikhothamise amakhanda ethu okomzuzwana nje.

4 Baba wethu waseZulwini, oligugu elikhulu, sibuthene sizungeze (ngokukholwa) isiHlalo sobukhosi sikaNkulunkulu, futhi sicela umusa kaNkulunkulu ngalezizicelo. UMfowethu Little, ingozi yemoto, useduze kokufa. Nkulunkulu, msize. Sengathi uMoya oNgcwele ungaba seceleni kombhede wakhe

futhi umbuyisele kithi, Nkosi. No Edith Wright omncane ezansi lapho, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi uMoya oNgcwele uyoba ngaseceleni kombhede wakhe kulobubusuku futhi uzobuyisela impilo yakhe kuye futhi. Siphe khona, Baba. Uzethembisile lezizinto, futhi siyazikholwa. Futhi njengoba besicabanga namuhla ekuseni, ukuthi ibanga alisho lutho kuWe, Umkhulu nje kwenye ingxenye yezwe njengoba Unjalo kwenye, ngoba Usezindaweni zonke, unamandla onke, futhi awunasiphelo. Futhi siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosipha lezizicelo ngeGama likaJesu Kristu. Ameni.

5 Ngijabula kakhulu ukuphinda ngibekhona kulobubusuku, futhi. Futhi ngiyazi kuyashisa. Lena yimihlangano emithathu eqondile, futhi ku. . .Ngiyazi abanye benu banamamayela angamakhulu amahlanu abazowashayela phakathi kwamanje nasekuseni. Futhi kuqala ngomhlomunye, nginamakhulu alishumi nane engizowashayela emva kwalokho. Ngakho, ngakho nge—ngethemba ukuthi bekuyisikhathi esikhulu senu nonke. Futhi bekuyisikhathi esikhulu sami ukunihambela. Yinye kuphela into esiyicelile, baningi kakhulu abazobuyiselwa emuva ngoba ayikho indawo, singeke saminyanisa kakhulu izikhala zezihlalo, umnyango wezomlilo ungeke ume uthule ngalokho. Ngakho siyazama manje ukuthola indlu yokukhonzela ethe xaxa, ukuze kuthi uma siphakathi, futhi sikwazi ukuba nendawo yokuhlala abantu.

6 Futhi manje, noma nini, uhlala njalo wemukelekile lapha etabernakele, lapho esingenaso isivumokholo kodwa uKristu, akukho mthetho kodwa uthando, akukho ncwadi kodwa iBhayibheli. Futhi ngakho. . .Futhi umfundisi wethu nguMfowethu Orman Neville lapha. Futhi sinebandla lapha la—labantu abaningi ababuthana phakathi njengetabernakele eliphethwe ngamabandla ehlukeneyo, lapho oza khona lapha ukhonze uNkulunkulu ngokweziyalo zikanembeza wakho qho. Sihlala njalo sikuthokozela ukuba nawe. Futhi ngakho woza uma ungaphumelela, sihlala njalo sikuthokozela ukukwamukela.

7 Futhi manje isikhathi esilandelayo, ngokwazi kwami, ukuba nani, siyoba semva kokuphela kwendlu yokukhonzela. Futhi ngifuna ukuba-ke, emva kwemi*Nyaka yeBandla*, sifuna ukuhamba-ke siye ezi*Mpawini* eziyisikhombisa zokugcina, neziMpawu eziyisikhombisa zokugcina eNcwadini yeSambulo, ukufundisa Lokho.

8 Futhi manje ziningi kakhulu izikhathi lapho okufika khona abagulayo nabakhathazekile, futhi phakathi kwalemihlangano, lapho imibono idingeka khona, nabezela nje ukubonana ngezingxoxiswano ezingavamile. Uma ngingena kulokho, khona ngi—angikwazi nje ukuthola umehluko phakathi kwabo, futhi, uyazi, kul'khuni kimi ukukhuluma emva kwalokho. Futhi wonke umuntu uyakwazi lokho emikhankasweni yethu yokuphulukisa,

ukuthi uMnu. Baxter kumbe omunye ngokujwayelekile uyashumayela, futhi ngiphumela ukukhulekela abagulayo, ngoba nje kuyakhathaza kancane. Futhi bengikhulekela abanye abantu emizuzwini embalwa edlule, ngase-ke ngihlangana nomntwana omncane lapha odokotela a... okuthize emhlane wakho, kuzalwe ngenye indlela. Ngiphuma, ngikubone kuhlezi lapho ensimbini ebunjiweyo. Lowomntwana angeke esabayisishosha kanjalo, kuzophila. Impela, kuzophila, niyabo. Lokho kungukuthi, ngiyakwazi lokho. Niyabo, ngiqinisekile ngalokho. Ngakho sifuna ukuba nokukholwa kwethu futhi simkholwe uNkulunkulu.

9 Ngamunye wenu, futhi iningi lenu liyizihambi kimi, bonke abefundisi nokunjalo. Uma ngingaphosisi, lona nguMfowethu Crase. Ngabe kunjalo? Mfowethu Crase, ngi—ngifanele ngixolise kuwe, ngokungenyukeli lapho kulokho kubusiswa. Mhlawumbe ngizokwenyukela lapho ngomhlangano wangempelasonto, khululeka nje. Ngabe kunjalo? Enhla eBloomington. Usaphila? Kuhle. Abanye balaba abafowethu lapha bangabefundisi, ngiyethemba. Ungumfundisi? Yebo, mnumzane. INkosi ikubusise. Futhi bangaki abefundisi endlini, ake sibone isandla sakho. Yebo, lokho kuhle impela. Siyathokoza ukuba nani lapha, sijabula kakhulu. UNkulunkulu anibusise njalo!

10 Manje, ukuze siphume isikhathi sisekahle impela, abanye babo baya eGeorgia, eTennesee, eNew York, ndawo zonke, kusukela namuhla ebusuku, kuqala namuhla ebusuku. Manje, nishayele ngokucophelela emgwaqeni. Uma wozela, ungafuni ukuya emotela, shayela ugudlukele eceleni komgwaqo ulale uze... Yileyondlela engenza ngayo. Niyabo, vele ushayele ugudlukele eceleni ulale. Musa, mus'uk'shayela wozela. Kuyinto embi. Futhi, khumbulani, akusuwe, yilona omunye umfo okufanele umexwaye. Niyabo? Wena uyazi ukuthi uyaphi, awumazi ukuthi yena uyaphi, ngakho—ngakho kufanele umexwaye lowomfo. Ngakho, qiniseka ukuthi uqaphile ngasosonke isikhathi, ukukwexwaya.

11 Manje, ngifisa ukufunda kulobubusuku ingxenye yomBhalo otholakala ngale eNcwadini kaJohane oNgc. Manje, lemiBhalo emincane esiyifundayo futhi sithathele kuyo, ingeyokuba isinikeze isisekelo salokho esizama ukukusho. Futhi njalo, angikaze nakanye, njengoba ngikhumbula nanini, kokuya nanini epulpiti, ukuba ngizame ukusho into nje ukuba ishiwo. Ngizama njalo ukulinda, ngibheke, ngifundisise, ngikhuleke, ngize ngizwe ukuthi nginokuthize okuzosiza abantu. Uma ngingakwazi ukuba lusizo, khona-ke asikho isidingo sami sokuba ngime lapha, niyabo. Ngukuba, ngizame ukusiza! Futhi manje kulobubusuku, kusobala, ingxenye ethe ukuba nkulu yesixuku sethu iphumile namhlanje ekuseni, futhi badingeke baye ekhaya, abaningi babo. Kodwa, namuhla ebusuku, nginitshelile uma nihlalile siyozama ukuba sibe nje cishe nenkulumo yemizuzu engamashumi amane-

nanhlanu ngokuthize engethemba ukuthi kuzosisiza. Futhi sizosekela lokhu manje kuJohane oNgc., isahluko 16, futhi asiqale cishe e—evesini 7 lesahluko 16, futhi sifunde njalo kuye e—evesini 15.

> *Kodwa mina nginitshela iqiniso lokuthi; Kunilungele ukuba ngimuke: ngokuba uma ngingamuki, uMduduzi kayikuza kini; kepha uma ngimuka, ngiyakumthumela kini.*
>
> *Lapho esefikile, uyakuqondisa izwe ngesono, nangokulunga, nangokwahlulela:*
>
> *Ngesono, ngokuba bengakholwa yimi;*
>
> *Ngokulunga, ngokuba ngiya kuBaba, ningabe nisangibona;*
>
> *Ngokwahlulela, ngokuba umbusi walelizwe wahlulelwe.*
>
> *Ngisenokuningi okokunitshela, kodwa ningekuthwale manje.*
>
> *Kepha nxa, esefikile yena, uMoya weqiniso, uyakuniholela kulo lonke iqiniso: ngokuba akayikukhuluma ngokwakhe; kodwa lokho akuzwayo, uyakukukhuluma: anibikele okuzayo.*
>
> *Ngokuba, uyakungikhazimulisa: ngokuba uyakuthatha kokwami, anibikele khona.*
>
> *Konke uBaba anakho—anakho kungokwami: ngalokho-ke ngithe, uyakuthatha kokwami, anibikele khona.*

12 Manje kulelivesi 13. "Kepha nxa esefikile uMoya weQiniso, Uzakuniholela kulolonke iQiniso. Nxa esefikile uMoya weQiniso, Uzakuniholela kulolonke iQiniso." Yini iQiniso? YiZwi. "Ngokuba Uyakukhuluma, Akayikukhuluma ngokwaKhe; kodwa lokho Akuzwayo, Uyakukukhuluma. Lokho Akuzwayo, Uyakukukhuluma." Ngamany'amazwi, nguYe Oyokwambula into, niyabo. Futhi isahluko 4 samaHeberu, iBhayibheli lasho ukuthi "IZwi likaNkulunkulu libukhali, linamandla kunenkemba esika-nhlangothi zombili, la—laHlulela imicabango yengqondo, inhliziyo." Niyabo, "Lokho Akuzwayo, Uyakukukhuluma, futhi Uyakunibikela okuzayo." Niyabo? Kuzokwenziwa yini lokho? UMoya oNgcwele Oyofika eGameni leNkosi uJesu.

13 Futhi ngithanda ukuthatha lemizuzu embalwa elandelayo ukuba nike ninake igama "hola," *UMholi*. Niyazi, ngike ngaba nesehlo ngempela emahlathini. Umholi, umuntu ozokukhombisa indawo. Ufanele ube nomholi uma ungazi lapho oya khona. Njengoba ngikujwayele ukuzingela, nasemhlabeni wonke, ngibe ne—nethuba lokuhlangana nabaholi. Futhi ngingumholi, qobo

lwami, eColorado, ngenxa yokwazi kwami izwe, ukufuywa kwezinkomo, njalo njalo, ngingahola eColorado.

14 Manje, umholi ufanele ayazi indlela. Ufanele azi ukuthi uyaphi nokuthi wenzani, nokuthi akunakekele kanjani emgwaqeni. Niyabo? Ufanele abone ukuthi awukhuphuki yini ulahleke. Umholi ngumuntu okhethiweyo. Uhulumeni uyamkhetha lomuntu uma engumholi. Futhi, manje, ekuhambeni uhambo oluya ehlane, lapho mhlambe ongajwayele ukuya khona, akusiyona into enhle kuwe ukuhamba ngaphandle kwakhe. Eqinisweni, ezinye izindawo ungeke ngisho uhambe ngaphandle kwakhe, isibonelo nje, eCanada. U—umholi ufanele asayine ilayisense yakho eya kumphathi wezinyamazane. Ufanele azisayine yena uqobo kuyo, futhi konke kuyobuzwa kuye ngawe. Uma kwenzeka noma yini kuwe, kuyicala lakhe. Ufanele akunakekele. Ufanele abone ukuthi awulahlekile. Ufanele aqiniseke ukuthi akakuthumeli ungene ndawo thize lapho ongayazi khona indlela yakho yokubuyela emuva. Futhi uma ulahleka, ufanele alazi kahle kamhlophe izwe aze avele nje akuthathe noma ngasikhathi sini. Ufanele azazi zonke lezizinto kungenjalo angebe ngumholi, angeke anikwa ilayisense lokuba ngumholi.

15 Ngoba lezizinto, ngezinye izikhathi ufanele unqume usuku, ufike ngaphambili bese wenza amalungiselelo, ubhukele ukuba ukhishwe. Futhi uma owakho. . .Ngezinye izikhathi uyagcwala futhi angakwazi ukukuthatha, ufanele ukuhlehlise okwesikhashana, oko—okomholi wasemhlabeni. Awudingi neze ukwenza lokho kuMholi kaNkulunkulu, Uhlala elungele, uhlala elungele.

16 Manje, uma ungawenzi lamalungiselelo, futhi ucabanga ngokuthatha uhambo oluya ehlane lapho ongakaze uye khona ngaphambili, ungahle ukhuphuke ulahleke, futhi ubhubhe. Unethuba elicishe libe yiphesente elilodwa lokuphuma ehlane, lokho kungukuthi, uma kungaminyene kakhulu, ungahle ube nethuba elilodwa lephesente ukuba uziphumele uwedwa. Kodwa uma kulihlane elibi kakhulu, emuva le, awunalo ithuba lokuphuma. Ayikho indlela yokukwenza, ngoba uzithola usuhamba ekufeni, futhi-ke u—uphelile, khona-ke ayisekho indaba yakho. Manje, futhi uyobhubha uma ungenaye umholi owazi izwe futhi owaziyo ukuthi kubuyelwa kanjani emuva.

17 Abaningi benu bayayazi indaba ebhaliwe enayifunda ngonyaka odlule eTucson, eArizona, lawomaVulandlela angabaFana. Nokho, ayeqeqeshelwe ukwazi ukuthi azinakekele kanjani, babengamavulandlela. Futhi babengesiwo nje amaVulandlela angamaWundlu, babengamavulandlela agcwele. Futhi bathatha uhambo olwenyukela ezintabeni, futhi kufika isivunguvungu seqhwa, imvelo yashintsha isimo sayo. Futhi ngenkathi bezithola sebelahlekile futhi bonke babhubha, yingoba ba. . .okuthize, ushintsho lufika lusuka endleleni

ejwayelekile, abazanga ukuthi bazophuma kanjani. Niyabo? Futhi ngiyakhohlwa ukuthi babebangaki abafana ababekhona ababhubhayo entabeni, nakuba babenezindiza ezinophephela emhlane, noMbutho wezempi owaphumayo, noNogada beSizwe, nosizo lokuzithandela, nakho konke. Kodwa balahleka, akekho owaziyo ukuthi babekuphi. Futhi abakwazanga ukuzinakekela. Bonke babhubha eqhweni ngoba babengazi noma babeya empumalanga, enyakatho, entshonalanga noma eningizimu, phezulu noma phansi, noma kwakunjani, yonke into yayibukeka ifana.

18 Manje, umholi uyazi ukuthi ukuphi, akunakwa simo sezulu. U—ukuhlomele ukwenza lokho. Uyazi ukuthi wenzani. Wazi konke. Uyazi ukuthi konke kubukeka kanjani, ngakho angavele nje abe sebumnyameni futhi akwazi ukuthinta into ethize.

19 Isibonelo nje, nanti icebo elidala kumholi. Uyazi, uma ungabona izinkanyezi, noma ubani angasho ukuthi uyaphi uma uzoqaphela izinkanyezi. Futhi uhlala njalo ufuna ukuqaphela inkanyezi eyodwa yeqiniso. Yinye kuphela inkanyezi yeqiniso, futhi leyo yinkanyezi yenyakatho. Niyabo, yinye kuphela, ima endaweni efanayo. Lokho kumele uKristu, onguye izolo, namuhla, naphakade. Abanye bangahle bazulazule, kodwa Yena uhlala efana. Amabandla angakudonsa uphume nga*le*ndlela, noma abanye bakudonsa uphume nga*leyo*ndlela; kodwa qha Yena, Uhlala efana.

20 Kuhle, manje, uma ungayiboni lenkanyezi yenyakatho, futhi kunamafu, khona-ke uma uzobhekisisa, uma kusemini futhi ulahlekile, uma uzoqaphela izihlahla. Isihlahla sihlala njalo, ubulembu bungasecaleni elingasenyakatho yesihlahla, ngoba icala langaseningizimu yesihlahla lithola ilanga kakhulu kunecala langasenyakatho. Kodwa uma kumnyama-ke futhi ungakwazi ukubona ubulembu-ke? Uma uzovala amehlo akho futhi ungazami ukwenza noma yikuphi ukucabanga, uvale amehlo akho bese uthola isihlahla esinexolo elithe ngqo, ubeke izandla zakho zizungeze isihlahla ka*nje* iminwe yakho ize ihlangane, bese-ke uqala ukuhamba uzungeze lesosihlahla kancane impela. Futhi nxa ufika endaweni lapho ixolo lilugqinsi ngempela, eliqhekezekile, lelo yicala langasenyakatho (imimoya), futhi ungasho ukuthi yiyiphi indlela oqonde kuyo, inyakatho noma iningizimu. Futhi leyondlela, o, kukhona izinto eziningi, kodwa kuthatha abaholi ukwazi ukuthi zenziwa kanjani lezozinto. Umuntu ojwayelekile nje asukume lapho athi, "Angizwa mehluko kukho." Niyabo? Niyabo, ufanele uqeqeshelwe lokho-kuhola.

21 Futhi lababafana, akungabazeki kepha babengamavulandlela akahle, babengawabopha amafindo, babengayibasa imililo ngamadwala, nokunye kanjalo. Kodwa ukwazi indlela yakho yokuphuma, yilowo umqondo! Bona,

abayazanga indlela yabo yokuphuma, ngakho-ke bonke babhubha ngoba abazange bahambe nomholi.

22 Ubaba ongacabangeli, eminyakeni emibili eyadlula, eColorado, o, wayehamba ekhuphuka eya ezintabeni, wayenomfanyana othi akabe nesithupha, iminyaka eyisikhombisa ubudala. Wayezomthatha amuse ekuzingeleni kwakhe kokuqala izinyamazane ezinezimpondo ezingamagatsha. Ngakho bakhuphukela phezulu entabeni, nomfanyana wathi kuyise, "Ngiyakhathala."

23 "Beletha emhlane wami. Asikakhuphukeli phezulu ngokwanele, izinyamazane ezinezimpondo ezingamagatsha ziphezulu." Yaqhubeka njalo njalo yahamba indoda yaze yafika . . . Yayingazi, yayiyindoda yasedolobheni. Yayingazi lutho mayelana nokuthi kuzingelwa kanjani noma kuhanjwa kuphi. Noma yimuphi umuntu owazi noma yini ngehlane uyazi ukuthi inyamazane enezimpondo ezingamagatsha ayihlali phezulu kakhulu. Azenyukeli lapho. Izimbuzi zihlala phezulu lapho, qha inyamazane enezimpondo ezingamagatsha. Zisezansi lapho zingadla khona, zifanele ziye lapho okukhona khona ezizokudla. Futhi, ngakho, kodwa lendoda yacabanga, "Uma ngikhuphukela le emadwaleni ndawo ndawo phezulu lapho, ngizothola inyamazane enkulu." Wayebone isithombe senye imi phezu—imi phezu kwedwala, futhi wacabanga ukuthi kulapho azoyithola khona. Ungakunaki lokho okufundwa kumaphephabhuku, he, o, he, uyoba nephupho elesabisayo! Ukuthi, yinye kuphela into engenziwa, ingukuthatha umholi lapho owazi khona ukuthi ukuphi.

24 Futhi lowobaba, kukhuphuka imvula khona manjalo phezulu lapho, enye yalezozimvula ezisheshayo efikayo. Futhi indoda yazingela kwaze kwahamba isikhathi kakhulu, kwaze kwaba mnyama futhi ayibange isakwazi ukuthola indlela yayo yokubuyela emuva. Futhi i . . . imimoya yase ifika inqamula esicongweni sezintaba, nayo uqobo ihamba ishesha, futhi lokho yi . . .

25 Ufanele wazi ukuthi ungasinda kanjani, uma ubambeka ngaphandle. Kukhona okunye, wazi ukuthi ungasinda kanjani! Ngikhwelile ezihlahleni ngibuye ngidilike kuzo, ngibuye ngikhwele ezihlahleni ngibuye ngidilike, phansi phezulu kanjalo, ukuze ngiphile. Ngake ngalithatha iqhwa lapho selingamafidi amane ngapha nangapha, ngihlakaze isigodo ngisiwise phansi. Futhi ngilambe kakhulu ngize ngingabe ngisakwazi ukukumela! Bese ngihlakaza lezizigodo ezindala, ngizokhele ngenze kushise bese ngincibikalisa iqhwa lehle. Bese kuthi-ke cishe ngelokuqala nqo ekuseni, elesibili nqo, ngizihoshe izingodo, bese ngilala phansi kulowomhlabathi ofudumeleyo, ukuze ngiphile. Futhi ufanele wazi ukuthi zenziwa kanjani lezizinto.

26 Futhi lendoda yayingazi ukuthi yayenzani, yayingenamuntu ongayiqondisa. Futhi yabamba indodana yayo uqobo encane yayibeka esifubeni sayo yaze yayizwa isibanda yafa. Ukungacabangeli! Ukuba nje yayithathe umholi, wayeyoyibuyisa ngqo ezansi entabeni kungenandaba ukuthi kwakusikhathi sini, niyabo. Kodwa yalinda kwaze kwamnyama, yasuke ayangabe isayibona indlela yayo macala onke.

27 Yileyo inkathazo kumaKristu namuhla. Alinda kuze kugubuzele ubumnyama, bese nithola-ke ukuthi nisuke ngaphandle koMholi. UMholi!

28 Ngani, senake nambona umuntu owake walahleka? Ngabe ukhona osewake wehlakalelwa ukuletha umuntu olahlekile? Kuyinto embi kakhulu kosewake wayibona. Uma umuntu elahleka, uyahlanya. Akazi ukuthi wenzani. Sabamba indoda le laphaya, umfana, futhi wayekade elahlekile emahlathini, futhi wayecatshangwa . . . Wayengumgcini pulazi lezinkomo, kodwa wayesesifundeni okungesiso wayeselahleka, waphenduka. Futhi lapho sebemthola ezinsukwini ezintathu kamuva, wayegijima njengomuntu ohlanyayo, empongoloza kakhulu. Izindebe zakhe zonke zazidlekile, futhi wantshinga isibhamu sakhe futhi wayengazi ukuthi uzokwenzenjani. Futhi ngenkathi umfowabo uqobo, ngenkathi . . . Bambamba bambopha. Lapho umfowabo uqobo efika kuye, walwa naye okwesilwane, wazama ukumluma, wayengazi ukuthi wayekuphi. Ngani na? Wayelahlekile. Futhi uma umuntu elahlekile, usesimweni sokudideka. Futhi akazi ukuthi ukulesosimo, ngoba lokhukulahleka kwakhe kumlethela lemfiva, futhi akazi ukuthi ukuphi nokuthi wenzani.

29 Kunjalo nxa umuntu elahlekile kuNkulunkulu! Uyokwenza izinto ngokwejwayelekile angezenze. Uyokwenza izinto e— ezingale kwemicabango engenziwa ngumuntu. Umuntu olahleke kuNkulunkulu, ibandla elilahleke kuNkulunkulu, ibandla elisukile kuNkulunkulu, lasuka ezimisweni zeBhayibheli likaNkulunkulu, liyokwenza izinto mhlawumbe ongelindele ukuzithola ebandleni likaNkulunkulu ophilayo. Bayothola imali yabo ngemidlalo yokulutha, bedlala umkhuba wokubutha imali ibuye yabelwe ngokwenza indliki, begembula, noma yini into abangayenza. Bayofundisa noma yini, bavumele noma yini izenzele nje, bambambathe indoda emhlane abangabakhokhi abakhulu ebandleni, nokunjalo kanjalo, ukuba babavumele baqhubeke nakho. Kunjalo. Bafake abadikoni ebhodini asebeganwe kane noma kahlanu, ukuze nje baziqhubekele nakho, ukuze kuhlangabezane iziphetho. Sinye kuphela isiphetho ofanele uhlangabezane naso, leso, yisibopho sakho kuNkulunkulu. Usukume ukhulume iQiniso! Olahlekile, umuntu olahlekile usesimweni sokudideka, ungumuntu ohlanyayo.

30 Umholi unokuqonda, ukuthi kuhanjwa kanjani nokuthi kwenziweni. UNkulunkulu e . . . UNkulunkulu ubehlala njalo

ebathumelela umholi abantu baKhe. UNkulunkulu akaze ahluleke. Uthumela umholi, kodwa ufanele umamukele lowomholi. Niyabo? Ufanele ukukholwe. Ufanele uhambe ngendlela ayishoyo. Uma ufika ehlane, futhi umholi wakho uthi “sihamba nga*le*ndlela,” futhi nokho wena ucabanga ukuthi uhamba nga*leyo*ndlela, uzokhuphuka ulahleke. Bese uma u... UNkulunkulu usithumelela umholi ukuba asihole, sifanele simlandele lowomholi. Akunandaba ukuthi sicabangani, ukuthi yini ebukeka inengqondo nokuthi yini ebukeka iwubuthutha, asikho phansi kokwahlukanisa lokho, umholi nguye kuphela.

31 UNkulunkulu, eTestamenteni eliDala, wathumela abaprofethi. Babengabaholi, ngoba iZwi leNkosi leza kumprofethi. Babengabaholi. Bafundisa abantu njengoba besinakho izolo ebusuku, ngoIsaya noUziya. Bafundiswa, futhi bafundisa abantu babahola. Futhi manje uNkulunkulu ubehlala njalo ethumela abaholi baKhe, Akaze ahlale angabi naye umholi, iminyaka yonke. UNkulunkulu ubehlala njalo enomuntu othile owayeMmela kulomhlaba, eminyakeni yonke.

32 Manje, ngezinye izikhathi bayachezuka kumholi, “bachezuke emsebeni,” njengoba sikubiza kanjalo. Ngenkathi uJesu eselapha emhlabeni, anikhumbuli ukuthi uJesu wathi kubaFarisi, “Ninabaholi abayizimpumputhe na”? Abaholi abayizimpumputhe, baphuphuthekile ezintweni zokomoya. Niyabo? Manje, babefanele ukuba ngabaholi, abaholi kubantu, baholele abantu ensindisweni. Kodwa uJesu wathi, “Niphuphuthekile!” Futhi Wathi, “Bayekeni, ngokuba nxa impumputhe ihola impumputhe, zombili aziyikuwela emgodini na?” Abaholi abayizimpumputhe! O, izwe belibolisswe yilokho, ukuhola okungubumpumputhe. Akafuni wencike ekuqondeni okungokwakho. UNkulunkulu akafuni wencike ekuqondeni kwakho noma imicabango yakho, noma yimiphi imicabango eyenziwe ngumuntu.

33 UNkulunkulu uthumela uMholi, futhi uNkulunkulu ufuna nikhumbule ukuthi lowo nguMholi waKhe oqokiweyo. Futhi sifanele siMkhumbule. Lapha Kuthi, uJesu wathi, “Angiyikunishiya, kodwa Ngiyakunicelela kuBaba futhi Uyonithumelela omunye uMduduzi.” Futhi loMduduzi, wayezothi uma Efika, wayezosiholela kulolonke iQiniso. Futhi iZwi likaNkulunkulu liyiQiniso, futhi iZwi linguKristu, “NgiyiNdlela, neQiniso, nokuPhila.” UyiZwi, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayenoNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba-yinyama wakha phakathi kwethu.” Bese uma silandela uMholi weqiniso ngempela, uMoya oNgcwele, Wayezositshela Akubonile, Akuzwile, futhi Wayezosibikela okuzayo. Ameni. Nakho lapho okhona. Uzonibikela okuzayo.

34 Futhi nxa amabandla namhlanje enqaba Lokho, singake sikulindele kanjani ukuthi siye eZulwini? Ngenkathi uMoya

oNgcwele ethunyelwa kithi ukuba abe nguMholi, sizothatha esinye isikhulu sesonto, umbhishobhi othize, umbonisi othize omkhulu, noma umuntu onjalo ukuba asihole, ngenkathi uMoya oNgcwele enikelwa thina ukuba asihole.

35 Futhi uMoya oNgcwele njalo ukhuluma ngeZwi. "Nginokuningi okokunitshela, ningekuqonde manje, kepha nxa Efika, Uyakuniholela kuLo." Yilesosizathu sokufika kweziMpawu. Ekuqedweni koPhawu lwesiKhombisa, imfihlakalo kaNkulunkulu isiyakube ifeziwe, ukwazi ukuthi uNKulunkulu Ungubani, ukuthi Uyini, ukuthi Uphila kanjani, imvelo yaKhe, uBukhona baKhe. Ufanele ngabe usuhambe wenyukela *lapha* ngalesosikhathi, niyabo, kusiletha emumweni ogcwele wamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, iBandla elihlanzwe eGazini likaKristu, elithengwe ngaphandle kwemali, likhokhelwe yiGazi likaJesu Kristu.

36 Manje, nakhu lapha esikhona, uMholi, futhi UnguMholi ohlinzekwe nguNkulunkulu. Manje, sihamba sidabule ehlane futhi sisemgwaqeni wethu ndawo ndawo, futhi singeke saqhubeka ngaphandle kwaloMholi. Futhi noma yimuphi olokotha ukubambisa nganoma yimuphi omunye umholi! Uma ukwenza, uyokususa emgqeni. LoMholi uyayazi indlela! Wazi onke amayintshi endlela. Wazi wonke umcabango osenhliziyweni yakho. Wazi wonke umuntu olapha. Uyazi ukuthi ungubani nokuthi wenzeni, nakho konke ngawe. UnguMholi kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele, futhi uyonembulela izinto, futhi uyosho izinto Azizwileyo, angaphinda amazwi akho awabuyise njengoba enjalo futhi asho owakushoyo. Ameni. Akutshele ukuthi ubuyini, ukuthi unani, ukuthi uyaphi. UMholi, uMholi oqinisile, futhi Uyakuniholela kulolonke iQiniso, neZwi laKhe liyiQiniso.

37 Manje, uMoya oNgcwele soze wenza, uthi "ameni" ohlobweni oluthize lwesivumokholo esenziwe ngumuntu. Uyogcizelela kuphela kakhulu iZwi likaNkulunkulu ngo "Ameni," ngoba Linjalo. UMoya oNgcwele ungeke ukuhole noma ngayiphi enye indlela. Manje into eyisimanga iyilokhu, ukuthi thina sonke, onke amahlelo ethu amakhulu nezinto, sithi ngalinye laholwa nguMoya oNgcwele, futhi kukhona umehluko ofana ncamashi njengoba ukhona kwi mini nobusuku kukho konke okwethu.

38 Kepha ngenkathi uPawulu, lowomFarisi omncane owemukela uMoya oNgcwele ngenkathi uAnaniya embhaphathiza, futhi wahamba wayongena eArabiya futhi wafundisisa iminyaka emithathu, wabuya, futhi akazange abuze ebandleni nganoma yini iminyaka elishumi nane, futhi lapho efika ebonana noPetru, inhloko yebandla eJerusalema, babevumelana esiFundisweni. Ngani? UMoya oNgcwele ofanayo! Lapho khona uPetru abhaphathiza eGameni likaJesu Kristu, uPawulu wenza okufanayo ngaphandle kokutshelwa

noma ngubani. Lapho khona uPetru afundisa umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, nokungcweliswa, nokunjalo; uPawulu wenza into efanayo, ngaphandle kokubuza ebandleni, ngoba KwakunguMholi ofanayo. Pho singaba kanjani thina namuhla nxa abantu bephika lamaQiniso na? Ngenkathi uPetru efundisa akwenzayo ngendlela ibandla elalizobekwa ngayo ngohlelo, uPawulu wayenesiFundiso esifanayo, ngoba babenoMholi ofanayo.

39 UMholi akazukuthatha oyedwa amwelise nga*le*ndlela, noyedwa amwelise nga*leyo*ndlela, futhi athumele oyedwa empumalanga nomunye entshonalanga. Uzonigcina nindawonye. Futhi uma nje sizovele sivumele uMoya oNgcwele usigcine ndawonye, sizoba munye. U—uma nje singamvumeli uDeveli akudonsele emgwaqeni okungesiwo, siyoba yinhliziyo eyodwa, umqondo munye, nhliziyonye, ngaMoya munye, uMoya oNgcwele, uMholi kaNkulunkulu ozakusiholela kulolonke iQiniso. Kunjalo. Kodwa umele ukulandela uMholi wakho. Yebo, mnumzane.

40 Buka uNikodemu, wayedinga uMholi, nokho wayengumuntu ohlakaniphile. Wayengumfundisi, cishe enamashumi ayisishiyagalombili eminyaka ubudala. WayengowabaFarisi, noma—noma iziNkantolo zeSanhedrin, uMkhandlu, iNhlangano yabeFundisi. Wayengomunye wabantu babo abakhulu kunabo bonke, umfundisi kwaIsrayeli, emkhulu kuwo. Cabanga, umfundisi omkhulu! Yebo, wayeyazi imithetho, kodwa nxa sekuza ekuzalweni ngokusha, wayedinga uMholi. Wayekulambele. Wayazi ukuthi kwakufanele kubekhona okwahlukile. Ukuziveza kwakhe kuKristu ngalobobusuku kwakufakazela. Kwafakaza futhi lokhu, ukuzwa kwabo bonke, kodwa akukho namunye wabo owayenaso impela—impela isibindi ayenaso. Kwakungekho namunye wabo owayengenyukela lapho futhi enze akwenzayo. Niyazi, abantu bayamsola uNikodemu ngokuza ebusuku. Wafika lapho. Wafika. Ngiyazi abanye abantu ngeke baze baqale ngisho, emini noma ebusuku. Kodwa wafika lapho, futhi wayedinga uMholi, futhi wathi, "Mfundisi, si," bevela eNkantolo yeSanhedrin, "siyazi ukuthi Wena unguMfundisi ovela kuNkulunkulu." Wakwazelani na? Wayengoqinisekisile. Niyabo, wayefuna ukwazi ukuthi lokhu ukuzalwa okusha kwakuchaza ukuthini, futhi waya ngqo kuloWo onguye impela, ngoba uNkulunkulu wayeqinisekisile ukuthi Lona kwakunguMholi waKhe, uJesu. Bukani ukuthi wathini, "Mfundisi, siyazi ukuthi Wena unguMfundisi ovela kuNkulunkulu, ngokuba akakho ongenza izinto Ozenzayo, uma uNkulunkulu engenaye."

41 Kwakungukuqinisekisa lapho, ukuthi kwakukhona uNkulunkulu ophilayo ngaphakathi kwaKhe. Akufakazayo, "AkusiMina engenza imisebenzi; nguBaba waMi ohlala kiMi. Ngiqinisile Ngithi kini, iNdodana ingenze-lutho ngokwaYo;

kuphela lokho Ebona uYise ekwenza, neNdodana iyakwenza kanjalo. UBaba uyasebenza, nami Ngiyasebenza kuze kubemanje." Ngamany'amazwi, uNkulunkulu waMkhombisa ukuthi akenzeni, futhi Wahamba futhi wavele wakwenza. Akazange enze lutho Aze atshelwe nguNkulunkulu ukuba akwenze. Ameni. Lokho ngamaqiniso angempela asobala akho. Uma nje singaqhubeka futhi silinde uMoya oNgcwele uze usiqhubele ukuba sikwenze! Yilokho. Bese-ke silahlekela ngokuphelele kuKristu ngangokuthi Angabe esalokhu ekusunduza ekuzungezisa njengoba Enza mina, kodwa ukunqekuza okuncane kokuqala kwekhanda laKhe, usulungele futhi akukho okuzokumisa, ngoba uyazi ukuthi kuyintando kaNkulunkulu.

42 Wayedinga uMholi. Futhi WayenguMholi oqinisekisiweyo. Wayeholwa yiloMholi ngoba wayazi ukuthi loMholi wayephefumulelwe nguNkulunkulu. Wayazi ukuthi amasiko ayewakhonzile, mhlawumbe ngabaFarisi, abaSadusi, noma yikuphi okunye, wayezikhonzile lezozivumokholo isikhathi eside futhi wabona kungenzeki lutho. Kodwa nakhu kufika uMuntu enkundleni, ethi UnguMesiya othenjisiweyo weBhayibheli. Bese Ephenduka enza yona impela imisebenzi kaNkulunkulu. UJesu wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona ningaNgikholwa. Kodwa uma ningenakuNgikholwa, kholwani yiyona impela imisebenzi eNgiyenzayo, ngoba ifakaza ngaMi."

43 Bese-ke, akumangalisi uNikodemu athi, "Mfundisi, siyazi Wena unguMfundisi ovela kuNkulunkulu, ngokuba akekho ongenza izinto Ozenzayo uNkulunkulu engenaYe." Niyabo, wayedinga uMholi, nakuba wayengomkhulu walento. Wayengomkhulu webandla lakhe. Wayenesithunzi, futhi wayene—wayenezindawo ezidumileyo, futhi wayengumuntu omkhulu; akungabazeki, ehlonishwa ngabantu bonke ezweni lonke. Kodwa uma sekufika ekuzalweni ngokusha, wayedinga uMholi! Kanjalo nathi, yebo, sadinga uMholi.

44 UKorneliyu, wayengumuntu omkhulu, umuntu ohloniphekile. Wakha izindlu zokukhonzela. Wahlonipha amaJuda ngoba wazi ukuthi inkolo yawo yayiqinisile. Futhi wakhokha izipho ezinikwa abampofu, futhi wakhuleka nsuku zonke, kodwa nxa uMoya oNgcwele ufika (Kukhona okwase kwengezwe ebandleni), wayedinga uMholi. UNkulunkulu waMthumelela uMoya oNgcwele. WaWuthumela ukumuntu uPetru, "Kodwa kwathi uPetru esakhuluma lawamaZwi, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwakhe." [Akuqoshwanga—Umhl.] UNkulunkulu wasebenzisa uMholi ngoPetru. WaWusebenzisa, ngoba Waholela uKorneliyu endleleni okuyiyonayona. Futhi kwathi esakhuluma, uMoya oNgcwele wehlela kulabo beZizwe. Wayesethi-ke, "Ukhona umuntu ongala namanzi, ukuba bangabhaphathizwa laba na?" Niyabo, kusakhuluma uMholi,

akusuye uPetru. Ngoba leso kwakuyisixuku soMjuda... kumbe abeZizwe, "bengcolile, bengahlanzekile" kuye, futhi wayengafuni ngisho nokuhamba. Kodwa uMholi wathi, "Ngiyakuthuma." Wenza izinto ongacabangi ukuthi wawuyoke uzenze, nxa uMholi elawula ngokupheleleyo, nxa uMvumela akuhole. O, kuyisimangaliso ukuholwa nguMoya oNgcwele. UnguMholi. Kulungile. Wakhuluma kuPetru futhi wamtshela ukuthi kufanele enzeni. Kwathi-ke ngenkathi bonke bemukela uMoya oNgcwele, wathi, "Singeke sala namanzi, njengoba kubonakala ukuthi laba sebemukele uMoya oNgcwele njengoba senza ekuqaleni." Base bebabhaphathiza eGameni leNkosi uJesu. Manje, ubani owamhola ukuba enze lokho na? UMholi owayekuye. Akazange yini uJesu abatshele, "Ningakhathazeki ukuthi niyakuthini, ngokuba akusini enikhulumayo; nguBaba ohlala kini, nguYe okhulumayo na?" Ameni.

45 Umthenwa, ehla evela eJerusalema. Futhi uNkulunkulu wayenoMholi ezweni ngalesosikhathi, uMoya oNgcwele, futhi Wayenomuntu ezansi lapho owayegcwaliswe ngaloMholi. Wayengesuye ngisho umshumayeli, wayethi akabe ngumdikoni. Futhi wayesezansi lapho ephulukisa abagulayo futhi ekhipha amademoni, futhi ebanga okukhulu ukushukuma, ukuthokoza okukhulu kwakusedolobheni. Wayenamakhulu abantu bebuthene bemzungezile, futhi uMholi wathi, "Sekwanele lokho, asibuyele emuva nga*le*ndlela." Akazange aphikisane noMholi wakhe.

46 Ungalokothi uphikisane neZwi loMholi wakho. Mlandele. Uma ungamlandeli, ukhuphuka ulahleke. Futhi, khumbula, uma uMshiya, ususele wedwa, ngakho sifuna ukuhlala sisondele kuMholi.

47 Ngakho emgwaqeni, Wathi, "Shiya lesisixuku manje, Filiphu, futhi phuma uye ehlane lapho okungekho-muntu. Kodwa Ngikuthumela phandle lapho, futhi kuyobakhona umuntu-mumbe uma Ngikufikisa phandle lapho." Nakhu kuza umthenwa onesizungu, wayeyindoda eyisikhulu kuyo inkosikazi ezansi eItiyopiya. Ngakho wayehla, efunda iNcwadi kaIsaya. Futhi uMholi wathi, "Sondela enqoleni."

Wayesethi, "Uyakuqonda lokhu okufundayo na?"

48 Wathi, "Ngingakuqonda kanjani uma kungekho ongiholayo na?" O, he! Kodwa uFiliphu wayenoMholi. Ameni. Futhi waqala kuwo lowomBhalo, washumayela kuye uKristu. Ameni. UMholi! Engamtsheli isivumokholo esithize, wamtshela ngoMholi, uKristu! Futhi wambhaphathiza phandle lapho emanzini. Impela, kwakunjalo. O, ngikuthanda kabi lokho!

49 Ngenkathi uIsrayeli eshiya iGibhithe eya ezweni lesethembiso, ku Eksodusi 13:21, uNkulunkulu wayazi ukuthi babengakaze bahambe ngaleyondlela ngaphambili. Kwakungamamayela angamashumi amane kuphela, kepha

nokho babedinga into ezohamba nabo. Babezolahleka endleleni yabo. Ngakho Yena, uNkulunkulu, wabathumelela uMholi. U Eksodusi 13:21, into enjengale, "Ngithuma iNgelosi yaMi phambi kwakho, iNsika yoMlilo, ukuba ikulondoloze endleleni," ukuba ibaholele kulelizwe lesethembiso. Nabantwana bakwaIsrayeli balandela lowoMholi, iNsika yoMlilo (ebusuku), iFu emini. Uma Ima, babema. Uma Ihamba, babehamba. Futhi lapho Esebasondeze ezweni, futhi babengakulungele ukuwela, Wabaholela emuva ehlane futhi. Akahambanga nabo.

50 Liyilokho-ke, ibandla namhlanje. Akungabazeki kepha ngukubekezela kukaNkulunkulu namhlanje, njengoba kwakunjalo emihleni kaNowa, ibandla beliyobe selahamba ukuba nje beliqondile futhi lahlala ngohlelo. Kodwa Uzosihola asizungezise asizungezise asizungezise.

51 UIsrayeli wayengazi, ngenkathi bememeza, ngokubona amabutho afile aseGibhithe, amahhashi aminzile, izinqola zikaFaro zagumbuqeka, bathola ukunqoba, uMose eseMoyeni, ehlabelela eseMoyeni, uMiriyamu esina eseMoyeni, namadodakazi akwaIsrayeli egijima ehla enyuka ogwini, bememeza besina, babesalelwe yizinsuku ezimbalwa kuphela ukuba bafike obisini nasezinyosini. Babengazi ukuthi kwakusasele iminyaka engamashumi amane, ngoba baqala ukukhonondela uNkulunkulu noMholi.

52 Futhi sizithola qobo lwethu ngendlela efanayo. Ngiya eShreveport emva kwalapha. NoSuku lokuBonga lokwehla kukaMoya oNgcwele, amashumi amahlanu eminyaka edlule, e—eLouisiana, oSukwini lokuBonga. Seliwe kakhulu ibandla kusukela kulesosikhathi! Niyaqonda yini ukuthi ibandla eliRoma Katolika ekuqaleni kwalo laliyiBandla likamoya na? Lelo yiqiniso. Kunjalo. Laliyibandla likamoya, kodwa izikhulu eziyizitashi ziqala ukungena ziguqula i—imiBhalo kaNkulunkulu ziyisa emasikweni azo, zengeza kuWo izimfundiso ezingaphikiswa, nokunjalo. Futhi buka ukuthi banani manje, akukho nechashazi lomBhalo kunoma yiyiphi. Bafaka okunye esikhundleni sokunye, ucezu lwesinkwa esikhundleni sikaMoya oNgcwele. Bafaka ukufafaza esikhundleni sokucwilisa. Bafaka u "Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele" esikhundleni se "iNkosi uJesu Kristu." Baguqulela onke lamazwi amakhulu kaNkulunkulu esasibekelwe wona, futhi bakude, kude kakhulu, baqhele kude le esiFundisweni sangokomBhalo.

53 Futhi iPentekoste lehlela eLouisiana, emashumini amahlanu eminyaka edlule, futhi uma lima eminye iminyaka engamakhulu amabili, liyoqhela kakhulu kunanoma linjalo ibandla eliKatolika, uma liqhubeka liwa ngendlela eliwe ngayo ngaleminyaka engamashumi amahlanu edlule, ngoba bayengeza nje kulo ngaso sonke isikhathi, njalo. Abashumayeli abayimfashini endala sebehambile. Imihlangano yasemgwaqeni,

awusezwa nangowodwa. Konke esinakho yisixuku seHollywood esengezwe kulo, abesifazane abaphungule izinwele begqoka izikhindi, bependile, nakho konke okunye, bezibiza ngamaKristu. URicky othize omncane nesiginci, egijima ehla enyuka endaweni, nabesifazane begqoke ingubo empintsha njenge. . . njengesositshi lisesikhunjeni nesi—isikhumba singaphandle, cishe, benyakanyakaza phezulu emsamo, begijima behla benyuka emsamo, bedansa nemihlobiso yezindlebe ilenga, nokunye kwalokhu ukugunda izinwele okusha kwentombi yezwe, bese kuzibiza ngobuKristu.

54 Esikudingayo yimfashini endala, ethunyelwe nguNkulunkulu, inkolo eyobulanayo ezoyobula lokho okungokwezwe kuphume ebandleni. Sidinga ukubuyela kuMoya oNgcwele nomlilo, sibuyele entweni eshisa ikhiphe amanyela, ibuyise ukushumayela okuyimfashini endala, yenze iZulu liphakame, nesihogo sishise, umbhobho wesibhamu uqonde. Sidinga lolohlobo lokushumayela. Kodwa awukwenze namhlanje, ibandla lakho liyokuvotela ukuba uxoshwe.

55 Ngezinye izikhathi abashumayeli abalungileyo badukiswa yibandla labo. Yingalesosizathu ngingenalo ihlelo. Nginekomkhulu elilodwa, lelo lingelaseZulwini. Lapho Ethumela khona, ngiyoya. Noma yini Ayishoyo, ngiyayisho. Asifuni-hlelo. Lelibandla njalo likhuluma ngehlelo, usumlahlile umelusi wakho kusukela khona lapho. Ngingeze ngabambelela kulo, ngeke ngisho imizuzu emihlanu. Lonke ibandla elake lahlela laba yize, futhi ngitshele elilodwa elingazange, futhi ngitshele elilodwa elaphinde lavuka futhi. UMoya oNgcwele uthunyelwe ukuhola ibandla, hhayi iqembu elithize lomuntu. UMoya oNgcwele ungukuhlakanipha konke. Umuntu uba yisitashi, ayekethise.

56 UNkulunkulu wabatshela ukuthi Wayezobathumelela uMholi, Wayezobahola endleleni. Futhi inqobo nje uma babesalandela leyoNsika yoMlilo, babekahle bonke. Wabaholela enhla esangweni lezwe lesethembiso, futhi-ke wayezohamba ibanga elingako. Kwase kuthi uJoshuwa, leloqhawe elikhulu, niyalukhumbula usuku abatshela ngalo, "Zingcwelise, osukwini lwesithathu uNkulunkulu uzovula iJordani ezansi lapha futhi sizowela na?" Manje qaphela ukuthi wathini (ngiyakuthanda lokhu) emBhalweni, wathi, "Hlalani nisondele emva koMphongolo, ngokuba anikaze nedlule ngalendlela phambilini."

57 Wawuyini uMphongolo? YiZwi. Ungahambi ngezindlela zakho zobuhlelo manje, hlala emva kweZwi ngqo, ngoba awukaze wedlule ngalendlela phambilini. Futhi, mfowethu, uma kwake kwabakhona isikhathi sokuba ibandla lobuKristu lifanele lizihlole, simanje nje. Simanje nje lapho lomhlangano omkhulu uqhubeka khona eRoma manje nje, kwenziwa imehluko, inhlanganyelo yamaBandla, lapho onke lamahlelo

ehlanganyele khona ndawonye ukuba abumbe umfanekiso wesilo, khona impela lokho iBhayibheli elikushoyo. Futhi niyazi ukuthi sitheni ekuseni nje eMilayezweni. Futhi nakhu sikhona, konke ngqo emnyango ngqo, nabantu basalandela isivumokholo. Kungcono uhlale emva kweZwi! IZwi liyokuhola likuwelise, ngoba iZwi linguKristu, noKristu unguNkulunkulu, noNkulunkulu unguMoya oNgcwele.

58 Hlala emva kweZwi! O, yebo, mnumzane! Hlala nalowoMholi. Hlala emva kwaLo ngqo. Ungabi phambi kwaLo, hlala emva kwaLo. Livumele Likuhole, ungaLiholi. Lidedele Lihambe.

59 UJoshuwa wathi, "Manje, anikaze nedlule ngalendlela phambilini, anazi lutho ngomgwaqo."

60 Yileyo inkathazo namhlanje. Anidingi-mholi ukuba anihole ezansi ngomgwaqo obanzi. O, nizazi zonke izindlela eziyimihume nakho konke okunye. Niyazi yonke indlela eya esonweni. Akukho . . . O, benilokhu nilapha isikhathi eside. Asikho isidingo sokuba othize azame ukukutshela ngalokho, nizazi zonke izindlela ezinqamulelayo. Kunjalo, sonke isono, nazi konke ngaso. Akekho ozokutshela ukuthi kwebiwa kanjani; uyakwazi lokho. Akekho ozokutshela ukuthi kuqalekiswa kanjani; uyakwazi lokho. Akekho ozokutshela ukuthi zenziwa kanjani lezizinto ezimbi, ngoba kuchonywe kuzozonke izihlahla ndawo zonke.

61 Kodwa, khumbulani, nina bantu eningamaKristu, seniwelele ngapheseya. Seningene kwelinye iZwe. Senizelwe kabusha. NiseZweni, iZwe laseZulwini. NiseZweni lesethembiso.

62 Ningabuka, niyayazi indlela yenu konke lapha. O, he, yebo. Niyazi ukuthini—ukuthini, abanjwa kanjani amakhadi owaphetheyo emdlalweni wawo. Uyazi ukuthi yiliphi idayisi, uma liginqika, ukuthi lisho ukuthini, nakho konke kanjalo. Kodwa uma sekufika ekwazini ubungcwele nokulunga namandla kaNkulunkulu, nokuthi uMoya oNgcwele usebenza kanjani nokuthi Wenzani, kungcono uhlale emva kweZwi ngqo, uMholi. Niyabo? Awukaze wedlule ngalendlela phambilini.

63 Yebo, wena uthi, "Ngangiyindoda ehlakaniphe ngempela, ngangine—nganginezíqu ezimbili ekholiji." Kungcono ukhohlwe yilokho. Yebo, mnumzane.

64 "Ngedlule ekholiji." Kungcono ukhohlwe yilo. Yebo. Kungcono uhlale emva koMholi. UMvumele Akuhole. Uyayazi indlela; wena awuyazi. Awukaze wedlule ngalendlela phambilini. "Kuhle," wena uthi, "bedlulile."

65 Bona ukuthi bedlulile yini. UJesu wathi, "Labo abedlule ngalendlela, lezizibonakaliso ziyobalandela. IGama laMi, bayokhipha amademoni, bakhulume ngezilimi ezintsha; noma baphathe izinyoka noma baphuze okubulalayo, ngeke

kulimaze. Uma bebeka izandla zabo kwabagulayo, bayosinda." Abaningi babo bayaLenqaba, baLiphike, basho nokuthi Aliphefumulelwe. Abamlandeli uMholi. Balandela isivumokholo esenziwe ngumuntu. Kungcono uhlale ngqo emva kweZwi, ngoba awukaze wedlule ngalendlela, niyazi.

66 Kodwa uzelwe ngokusha, futhi uzalelwe ebungcweleni. Awukaze wedlule ngalendlela phambilini. Upa-. . . Uma wedlula ngalendlela, ufanele ufike ngokwedlula ebungcweleni, ngoba yiZwe elisha, ukuPhila okusha, abantu abasha.

67 Uyofika ebandleni futhi uzwe umuntu esukuma amemeze, "Udumo kuNkulunkulu! Haleluya!"

68 Ngani, wena uzothi, "Wo, bakithi, abazange bakwenze lokho ebandleni lami! Ngizosukuma ngiphumele phandle!" Niyabo? Qaphela.

69 Hlala emva kweZwi, manje, vumela uMholi akuhole. "Uzakuniholela kulolonke iQiniso, futhi embule lezizinto eNgikhulume ngazo kini. Uzakunikhombisa lokho. Uzakunibikela okuzayo," uMholi weqiniso. Ungayi kumbhishobhi; hamba uye kuMholi. Ungayi noma kubani kodwa uMholi. NguYe owathunyelwa ukuzonihola. NguYe ozokwenza. UNkulunkulu ukulungiselele uMholi. Thatha indlela elungiselelwe nguNkulunkulu.

70 Inkathazo yakho ingukuthi namuhla, ukuthi abantu abeza enkonzweni bahlala nje imizuzu embalwa, kwenzeka into abangayejwayele.

71 Ngamncoma owesifazane omncane webandla elibandayo eligcina umthetho ngamehlo-nje, ngisand'ukumkhulekela. UNkulunkulu uzomphulukisa owesifazane omncane. Akazange akuqonde lokhu, wayengazi lutho ngakho. Wangena, wathi wayengazi. Kodwa ngamtshela, woza ungibone. Wayethi ukukhophozela ehosheleka emuva, kodwa uMholi wayelokhu emtshela, "Qhubekela phambili." Wakuthola. Yilokho. Niyabo, kungenxa kaMoya oNgcwele osiholela kulezizinto. Niyabo, uNkulunkulu unendlela ayilungisileyo.

72 Sena-ke . . . Beniwaqaphelisisa amahansi asendle ewela, amadada eya eningizimu na? Kuhle, manje khumbulani, lelodada elidadlana lazalelwa phezulu ngaleya echibini ndawo ndawo. Aliyazi impumalanga, inyakatho, intshonalanga, neningizimu. Alazi lutho kodwa lelochibi eliphezulu lapho ezintabeni eCanada. Lalingakaze lisuke kulelochibi, kodwa lalingumholi onesiphiwo. Leloqhude ledada elincane lazalelwa ukuba ngumholi. Futhi into yokuqala, ngobunye ubusuku kwakukhona iqhwa elikhulu liza ledlula esicongweni sezintaba. Kwenzekani? Lowomoyana obandayo wehla unqamula lapho. Sengathi ngiyalibona liqhaqhazela, lithi, "Mama, lokhu kusho ukuthini?" Niyabo, lalingazange lisizwe lesosimo sezulu esibandayo ngaphambilini. Liqala libhekisisa macala onke,

liqala libhekisisa macala onke osebeni lwechibi, kuqala ukubanda-saqhwa, iqhwa liza phezu kwechibi. Alazi, kodwa khona manjalo. . . Lazalelwa ukuba ngumholi kulowomhlambi wamadada. Liyogxuma khona lapho liphume maphakathi nendawo yalelochibi uma litheleka kulo. Ungakubiza ngalokho ofuna ukukubiza ngakho. Sikubiza ngokuphefumulelwa, noma ungakubiza, o, ngokuthi ukuzibonela ngokwemvelo nje, noma ngabe kuyini. Liyovele lisuke liphume maphakathi nalelochibi, libhekise phezulu lowomlonyana emoyeni, bese lithi, "Honk-honk, honk-honk!" Futhi onke amadada asechibini ayophuma aqonde kulo. Ngani na? Ayamazi umholi wawo, ngendlela nje akhala ngayo.

73 "Uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo, ngubani ongazilungiselela ukulwa na?" Kunjalo. Ngubani ongazilungiselela ukulwa uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo na?

74 Yebo, uma lelodada elincane likhala ngokungaqondakaliyo, ngubani ozozilungiselela ukundiza na? Lelodada elidadlana liyobhekisa umlonyana walo phezulu phandle lapho, futhi limpongoloza, "Honk-honk, honk-honk!" Futhi onke amadada amancane ayoza kulo. "Honk-honk, honk-honk!" Nanka. Ayoba nejubili elimnandi, khona lapho maphakathi nalelochibi, elokhu ephenduphenduka ephenduka. Emva kwesikhashana lizizwa kunyakaza kulo, lifanele lisuke. Liyothi ukwehlisa amaphiko alo amancane lisuke lindize kulelochibi, likhuphukele emoyeni lijikajike kane noma kahlanu, lihamba liqonde ngqo eLouisiana ngokuhamba kwalo, onke amadada asemva kwalo. "Honk-honk, honk-honk," nanti lifika. Ngani na? Lingumholi! Ameni! Amadada ayamazi umholi wawo, ibandla alimazi. Yebo, liyazi ukuthi lifanele lenzeni.

75 Ake nibheke lawomahansi amadala, aqonda evela e Alaska. Manje, kukhona iqhude lehansi elidala elihlala liwahola, nalawomahansi afanele alibukisise kahle ngempela leloqhude lehansi. Afanele azi ukuthi leloqhude lehansi likhuluma ngani. Nakufunda lokho kwiphephabhuku *iLook* lapha cishe eminyakeni emine eyedlula, lapho iqhude lehansi elidala ngesinye isikhathi lalingazi ukuthi lalenzani, futhi lahola isixuku samahansi sawelela le eNgilandi? Kunjalo. Ayengakaze akwazi ukubaseNgilandi ngaphambili. Ngani na? Awazange ambhekisise owawo—umholi wawo. Leloqhude lehansi elidala lalingazi ukuthi laliyaphi. Futhi manje aphesheya lapho awasakwazi ukubuya.

76 Yileyondaba-ke kuyoyonke inqwaba yalamahansi namhlanje, asabhuza. Bathi, leyo lelophephabhuku *iLook* lathi, lamahansi ayabhuza futhi andize azungeze phezu kweNgilandi, kodwa awazi ukuthi kubuyelwa kanjani emuva. Kungaleyondlela ngamanye amahansi engiwaziyo. Ninobhuzane, nomhlangano omkhulu oyindendende, futhi

ninomvuseleli othize ozayo ashumayele isikhashana, kodwa anazi ukuthi niyaphi. Nibhuza nizungeza nizungeza, ngoba nineqhude lehansi elithize eliniholayo linidonsele ekuzitikeni kwehlelo; futhi ningabuyeli eZwini likaNkulunkulu, nibuyele embhaphathizweni kaMoya oNgcwele. Bese-ke siyamangala ukuthi kungani singenayo imvuselelo ezinsukwini zethu. Niyabo? Ufanele uthole lokho kuKhala kwezwi eliqondakalayo! Lokho kuKhala kwezwi yicilongo leVangeli liphefumula iVangeli, lonke iZwi likaNkulunkulu. Akusiso isivumokholo, akusilo ihlelo; kodwa yiBhayibheli, uMoya oNgcwele. "Lezizibonakaliso ziyobalandela abakholwayo." Niyabo? Futhi lapho behla ngomgwaqo.

77 Iqhude elilodwa lehansi elidala ngesinye isikhathi, bathi, labulalisa isixuku, lizama ukuwandizisa ebumnyameni, lalingazi ukuthi laliyaphi, qobo lwalo, futhi onke azingqubuza ezintabeni phandle lapho, futhi amanye awo abuthuka, apatshaka. Impela! Afanele akwazi ukukhala kwezwi lawo eliqondakalayo. Lelodada elidadlana, uma linokukhala kwezwi eliqondakalayo futhi wonke umuntu alazi, anejubili elincane lokubhuza futhi nankaya eya eningizimu. Ehlela ukuyokwenzani lapho? Lapho kungabandi khona.

78 Manje, uma uNkulunkulu enika idada umqondo owenele ukuba lazi ukuthi avikwa kanjani amakhaza, Ufanele alinike kangakanani pho ibandla? Uma idada lingakwenza lokho ngokuba lizibonele ngokwemvelo, kuthiwani-ke ngoMoya oNgcwele ebandleni? Ufanele usihole sisuka emininingwaneni emidala nezivumokholo nezinto, singene komuhle kakhulu, umbhaphathizo omangalisayo kaMoya oNgcwele, lapho okukhona khona amandla, ukwazi, ukukhuthazela, ukumesaba uNkulunkulu, noMoya oNgcwele. Yilokho-ke uMholi wangempela ayokuhola, ngoba Akayikuphefumula lutho kepha iVangeli, iZwi likaNkulunkulu nje. Impela, nidinga uMholi!

79 Ngenkathi, izazi, zazingazi lutho ngoNkulunkulu. Zazi—zazingabasebenzi-milingo, abalumbi. Zazingaphesheya empumalanga. Niyazi, iBhayibheli lathi, "Sibonile iNkanyezi yaKhe kwelaseMpumalanga, size ukukhuleka kuYe." Zazivela entshonalanga, zabuka empumalanga zayibona iNkanyezi yaKhe. . . noma zabuka entshonalanga, zaziseMpumalanga. SasiseMpumalanga, futhi sayibona iNkanyezi yaKhe entshonalanga. Niyabo? "Sibonile iNkanyezi yaKhe kwelaseMpumalanga." Futhi, niyabo, zaziseMpumalanga. "Ngenkathi siseMpumalanga sayibona iNkanyezi, futhi size ukukhuleka kuYe."

80 Sengathi ngiyabona ngibona labobafo belungiselela ukuhamba. Sengathi ngiyayibona enye yamakhosikazi abo yathi kuso, yathi, "Awusho, usupakishe konke, kodwa iphi inkombandlela yakho na?"

Sathi, "A—angizukuyisebenzisa inkombandlela kulesisikhathi."

81 Yathi, "Uzonqamula kanjani ezintabeni na?" Khumbula, babefanele bawele uMfula iTigris bese behla bedabula emathafeni, futhi, ngani, babenohambo lweminyaka emibili begibele amakameli. Bazokwenza kanjani? Yathi, "Hawu, awuthathi ngisho nenkombandlela."

Sathi, "Qha."

"Uzohamba kanjani?"

82 "Ngihamba ngendlela elungiswe nguNkulunkulu. LeyoNkanyezi ngaleya izongiholela kuleyoNkosi." Yilokho.

83 "Sibonile iNkanyezi yaKhe kwelaseMpumalanga, futhi saYilandela yonke indlela lapha entshonalanga, ukukhuleka kuYe. Uphi Yena na?" Zalandela indlela elungiswe nguNkulunkulu. Zaboshwa ngqi yinqwaba yezivumokholo ezansi lapho okwesikhashana. Zangena eJerusalema zaqala ukwehla zenyuka nomgwaqo, lababantu abagqoke kahle ukubedlula bonke, bethi, "Uphi Yena na? Uphi Lowo ozelwe eyiNkosi yabaJuda na?" Kuhle, leyo kwakuyinhloko, lelo kwakuliJerusalema. Impela ibandla elikhulu lalifanele kubekhona elikwaziyo ngaKho. "Uphi Yena na? Uphi Lowo ozelwe eyiNkosi yabaJuda na? Sibonile iNkanyezi yaKhe kwelaseMpumalanga, size ukukhuleka kuYe. Uphi Yena na?"

84 Ngani, zawelela kuMfundisi *uS"bani-bani* nakumPristi oMkhulu *uS'bani-bani*, akukho namunye wabo owayazi utho ngaKho. "Kungani Munye ozelwe eyiNkosi yabaJuda, uphi Yena na?" Babengazi.

85 Kodwa kwakukhona isixuku sabelusi bezimvu phandle lapho ngasecaleni legquma benesikhathi nje, yebo, mnumzane, ngoba babeze ngendlela elungiswe nguNkulunkulu.

86 Ngakho bahlala ngapho, futhi emva kwesikhashana wathi, "Ngizonitshela ukuthi sifanele senzeni, sifanele sibe nomhlangano webhodi." Ngakho bangenisa uMkhandlu weSanhedrin. Futhi—futhi bacabanga ukuthi ngabe kukhona yini abakuzwa ngaKho. "Qhabo, besingazi lutho ngaKho."

87 Lokho kuyinto efanayo ekhona namhlanje. Abazi lutho ngaloMholi, loMoya oNgcwele ophulukisayo, ugcwalise, usindise, ubuya futhi. UMholi ositshele ukuthi zonke lezizinto ezenzeka, nakhu lapho esikhona khona impela phakathi kwabo. OwaHlulela imicabango yenhliziyo; abazi lutho ngalokho, baKubiza ngokufunda umcabango ngengqondo kumbe okunye. Abazi ukuthi bazothini ngaKho.

88 Ngakho, uyabo, lezozazi, inqobo nje. . . Khumbulani, ngenkathi zingena eJerusalema, iNkanyezi yanyamalala. Futhi inqobo nje uma ufuna izivumokholo nendoda yehlelo ukuba ikuholele kuNkulunkulu, usizo lukaNkulunkulu

luyokushiya. Kodwa lapho sezicikekile yikho, futhi zabashiya, zashiya izivumokholo namahlelo alawomaJuda, futhi zaphuma eJerusalema, yase iphinda ibonakala futhi iNkanyezi zathokoza ngokuthokoza okukhulu kakhulu. Zambona uMholi futhi! O, kunjani, ungene ebandleni eligcina umthetho ngamehlo-nje elibandayo elidala, bese ubuyela kwelilungileyo emlilweni, ubone uMholi ehola, kungumehluko omkhulu! Yebo, "Sibonile iNkanyezi yaKhe kwelaseMpumalanga size ukukhuleka kuYe."

89 UJoshuwa wathi kubo, "Manje landelani uMphongolo, ngoba anikaze nibe kulendlela ngaphambilini." UNkulunkulu angeke avumele lowoMphongolo ukuba uye noma yikuphi kodwa uqonde. Wonke umuntu waWulandela, futhi wahamba ngqo wawela iJordani.

90 Kuyafana nanamuhla, ngoMoya oNgcwele. Yebo, mnumzane. Into kuphela esiyaziyo, noma ngabe nguMoya oNgcwele noma qha, sibona imanife-. . . izibonakaliso zaWo, izibonakaliso ziqinisekisa iZwi likaNkulunkulu.

91 Manje, esikhathini esingeside esedlule, isixuku sabazalwane sasinegazi namafutha, futhi lokho kulungile uma befuna ukukwenza ngaleyondlela. Ngi. . . Lokho akusiso isiqinisekiso kimi. Yisiqinisekiso somBhalo, niyabo, inqobo nje uma kuqinisekisa lokho okushiwo nguNkulunkulu, lokho kulungile. Bathi, "Yingalesisizathu unoMoya oNgcwele, unamafutha esandleni sakho." Manje, ngi—ngingeke ngahambisana nalokho. Niyabo? Qhabo, angikholwa yikuthi amafutha aphathelene nalokho. Futhi uma kuyigazi elizophulukisa nensindiso, kwenzekani eGazini likaJesu Kristu na? Uma lawomafutha ephulukisa, imivimbo yaKhe-ke? Niyabo? Niyabo?

92 Ngithanda kuze uMholi, okuletha eQinisweni leZwi, khona-ke uyazi ukuthi uzongolozelwe phakathi futhi ulungele ukubala ngokuhlehla. Kunjalo, ulungela ukusuka undize. Yebo, mnumzane. Yebo, ngoba ngani na? UMholi nguYe Okwenza kube yikho ngempela.

93 NginomBhalo lapha, ngiyinikezile lemiBhalo, kodwa ngifuna ukufunda lona. Ngu II Petru, isahluko 1, ivesi 21.

> *Ngokuba . . . siprofetho asizange sifike ngentando yomuntu: kepha* nga*bantu abangcwele bakaNkulunkulu bashumayela beqhutshwa nguMoya oNgcwele*.

94 Safika kanjani isiprofetho na? Hhayi ngentando yomuntu, izivumokholo zobuhlelo; kepha ngentando kaNkulunkulu, lapho abantu abangcwele babeqhutshwa nguMoya oNgcwele. Ubehlala njalo enguMholi kaNkulunkulu. Lowo kwakunguMoya oNgcwele owawukuleyoNsika yoMlilo, lowo kwakunguMoya oNgcwele, noma yimuphi umuntu uyazi ukuthi lowo kwakunguKristu. UMose washiya iGibhithe, ethi ukuthukwa ngenxa kaKristu kuyimfuyo enkulukazi kunaleyo yaseGibhithe. KwakunguYe uKristu! Yebo, uma bema phandle

lapho futhi bathi, “Yebo, Wena uthi Unguye. Ngani, Awukabi neminyaka engaphezulu kwamashumi amahlanu ubudala, futhi Uthi uAbrahama usuke wambona na?”

95 Wathi, “Engakabikho uAbrahama, NGIKHONA.” UNGIKHONA waba nguYe owahlangana noMose eNsikeni yoMlilo esihlahleni esivuthayo. Yebo, mnumzane. WayenguNkulunkulu enziwe inyama. Akusuye umuntu wesithathu; uMuntu ofanayo esikhundleni esahlukile. Akusibo onkulunkulu abathathu; yizikhundla ezintathu zikaNkulunkulu oyedwa. Kuyikho.

96 Kulungile, manje, umBhalo. Njalo, uma uNkulunkulu elungisela, Ulungisa okwedlula konke. Ngenkathi uNkulunkulu elungisela indlela ukuqinisa ibandla laKhe, Walungisela okudlula konke. Nxa Enika uAdamu noEva, ensimini yase Edeni, Abanika khona kwakuyiZwi laKhe. “Wena hlala emva kwaleliZwi, futhi uphephile. Kodwa uma uphuma kuLo, mhla udla kuwo uyakufa.” UNkulunkulu akakaze aguqule amasu aKhe. NoSathane akazange aguqule awakhe; ukuthi wangena kanjani kuAdamu noEva, ungena kubo namhlanje. Ngani na? Ngokuzama ukuzindlela ukuLikhipha. “Manje, kuyaqondakala ukuthi uNkulunkulu angekwenze. O, uNkulunkulu ushilo,” kwasho uSathane, “kodwa ngempela uNkulunkulu ongcwele angeke akwenze lokhu.” Ngempela Uyokwenza, ngoba Wathi Uyokwenza!

97 Futhi yilokho okushiwo ngabantu namhlanje. “O, manje awume! Awukholwa manje, uma ngiya enkonzweni futhi ngikhokhe okweshumi kwami, futhi ngenza *lokhu, okunye*, uNkulunkulu uzongidicilela phansi na?” Uma umuntu engazalwa ngokusha, angeke awuqonde ngisho uMbuso kaNkulunkulu! Niyabo? Akukho-zaba! “Yebo, indoda endala ehluphekayo, isalukazi esihluphekayo, kukhona umphefumulo omdala olungileyo.” Indlela kuphela abangaze babone ngayo uNkulunkulu, ngukuba bazalwe ngokusha. Yilokho kuphela. Angikhathali ukuthi abancane kangakanani, badala kangakanani, basha kangakanani, ukuthi benzani, ukuthi baya kaningi kangakanani enkonzweni, mangaki amahlelo abawaziyo, basilanda kangakanani isivumokholo. Ufanele uzalwe ngokusha kungenjalo awukho ngisho esisekelweni, ukuqala. Kunjalo impela.

98 Ngakho, niyabo, udinga uMholi. Uyokuholela eQinisweni, neQiniso liyiZwi. Uyonihola. Futhi bekuhlala kunjalo. UNkulunkulu akadingi nhlobo ukuba aguqule lutho, ngoba Ungongenasiphelo futhi Uyakwazi okungcono kunakho konke. Ungosezindaweni zonke, Ungowazi konke, U—Uyikho konke. Kunjalo, uNkulunkulu unjalo, ngakho Akadingi ukuguquka. Kulungile.

99 UnguMqinisi wendlela Uyakuhola. UMoya oNgcwele, uMholi, unguMqinisi walo leloZwi Alifundisayo. Manje, uLuka wayeholwa nguMholi, ukuba athi, "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa, ongakholwa uyakulahlwa. Nalezizibonakaliso ziyobalandela abakholwayo; ngeGama laMi bayokhipha amademoni, bakhulume ngezilimi ezintsha, baphathe izinyoka, baphuze okubulalayo, babeke izandla kwabagulayo futhi bayosinda." Futhi iBhayibheli lasho ukuthi, "Baya ezindaweni zonke," beholwa nguMholi, niyazi, "bashumayela iZwi, nezibonakaliso zilandela." Kwakuyini na? UMholi eqinisekisa ukuthi Lelo kwakuliQiniso!

100 Lowo kwakungumgomo kaNkulunkulu. Kwakubekwe ngaleyondlela. Lolo wuhlelo lwaKhe; Angeke aguquke kulo, ngoba Ungongapheliyo. Ameni. Angeke aguquka kulo; UnguNkulunkulu. Mina ngingaguquka; ngingumuntu. Wena ungaguquka; ungowesilisa noma ungowesifazane. Kodwa uNkulunkulu angeguquke. Mina ngingophelayo; ngingawenza amaphutha futhi ngisho izinto ngephutha, sonke singawenza. Kodwa uNkulunkulu angeke, abe enguNkulunkulu. Isinqumo saKhe sokuqala siphelele. Indlela uNkulunkulu enza ngayo eshashalazini, yileyondlela Afanele enze ngayo ngaso sonke isikhathi. Uma Ebizelwa eshashalazini ukuba asindise isoni, Usisindisa esisekelweni sento eyodwa. Ngesikhathi esilandelayo uma isoni sifika, Ufanele enze ngendlela efanayo, kungenjalo Wenza ngokungesikho ngenkathi Enza okokuqala. Ameni. NgiyaMthanda. Ngiyazi kuliQiniso.

101 Nginamashumi amahlanu-nantathu eminyaka ubudala, bengishumayela iVangeli lapha iminyaka engamashumi amathathu-nantathu nengxenye, angikaze ngikubone kwehluleka. NgiKubonile kuvivinywa kasikhombisa umhlaba wonke, kuzozonke izinhlobo zezinkolo nakho konke okunye, phambi kwabaningi ngangengxenye yesigidi ngesikhathi esisodwa, futhi aKwehlulekanga neze. Angikhulumi okuvela encwadini ethize, ngikhuluma ngosekuke kwangehlela mina, engaziyo ukuthi uNkulunkulu uma emva kweZwi laKhe futhi aLihloniphe. Manje, uma unenhlobo ethize yesivumokholo, kufanele ukwexwaye lokho. Kodwa uMoya oNgcwele uyoleseka iZwi likaNkulunkulu.

102 KuJohane oNgc., isahluko 1 nevesi 1, wathi, "UnguLizwi. UnguMholi. Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayenoNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. NoLizwi wenziwa inyama wakha phakathi kwethu." Wo!

103 UPetru waholelwa ukuba asho, eZenzweni 2:38, ukuthi wemukelwa kanjani uMoya oNgcwele, wathi, "Phendukani, yilowo nalowo, bese-ke nibhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona-ke uMholi uyonithatha kusukela lapho kuqhubeke njalo." Yebo,

yileyonto efanele ukwenziwa. Kuqala, phenduka ezonweni zakho, ukungakholwa kwakho, ukuthi awuzikholwanga lezizinto. Phenduka, bese-ke ubhaphathizwa, khona-ke uMholi uyokuthatha kusukela lapho kuqhubeke njalo. Niyabo, lowo ngumsebenzi wakho. Kungumsebenzi wakho ukuba uphenduke. Kungumsebenzi wakho ukuba ubhaphathizwe. Bese kuba ngumsebenzi woMholi ukuba akuthathe kusukela lapho kuqhubeke njalo, akuhole usuka emandleni uye ekwazini, uye ekuzithibeni, uye ekukhuthazeleni, uye ekumesabeni uNkulunkulu, nasothandweni lobuzalwane, noMoya oNgcwele ukunamathelisa ngophawu. Niyabo? Khona-ke usungumumo ogcwele kaNkulunkulu, indoda yangempela kaNkulunkulu, owesifazane wangempela kaNkulunkulu, abagxiliswe le kuKristu. Ngiyakuthanda lokho, lokho kugxiliswa le kuKristu.

104 Yebo, uMarku wayeholwa nguMoya oNgcwele, ukuloba uMarku 16, kusobala.

105 UJohane wayeholwa ngenkathi eloba iZambulo. Wayeholwa nguMholi. Wayeholwa nguMholi futhi ukuba athi, "Oyosusa iZwi elilodwa kuKho, kumbe enezele izwi elilodwa kuKho, naye uyakususwa, isabelo sakhe, eNcwadini yokuPhila."

106 Manje, uzofaka kanjani okunye esikhundleni sokunye ngeZwi likaNkulunkulu, futhi ube usathi uholwa uMoya oNgcwele na? Akunamqondo, kunawo na? Qhabo, mnumzane. Akunawo.

107 UbenguMholi wami ekuphileni konke. Ungiholele ekuphileni. Kwaba nguYe owangiholela ekuPhileni, futhi UngukuPhila kwami. Ngaphandle kwaKhe anginakuPhila. Ngaphandle kwaKhe angifuni lutho olunye. Uyikho Konke-kukho-Konke okwami konke. Emahoreni enhlupheko yami, Uma ngakimi. Izolo Ungibusisile, namhlanje benze okufanayo. Yini engingayilindela na? Ofanayo njalo njalo, alibongwe iGama laKhe! Ameni. Yebo, mnumzane. Wakwethembisa. Uzokwenza. UngukuPhila kwami, UnguMholi wami, Konke-kukho-Konke. NgiMethembile. Ngibe nezivivinyo ezinzima. Ngethemba Yena noma ngiyaphi. Ngifuna nikwenze. Uma uyowasha, nina besifazane, thembani Yena. Uma uya ezansi nedolobha, themba Yena.

108 Kwake kwangenza ngesinye isikhathi lapho engacabanga khona ukuthi ngangithi ngingumhlali-mahlathini onekhono, uyazi, ngazingela kakhulu. Ngacabanga, "Anginakulutheka nje, akukho muntu ozo . . . Wawungeke ungilahlekele. Umama wami wayeyiNdiya ingxenye, futhi ngangikuthanda lokho. O,he! Ungeke ungilahlekele emahlathini, ngiyazi ukuthi ngikuphi."

109 Futhi ukusuka . . . iholide lami lokusand'ukushada, ngathi ukumkhohlikhohlisa unkosikazi, ngamtshela, "Uyazi, s'thandwa, kungaba yinto enhle ukuba sishade ngo Oktoba

zingamashumi amabili-nantathu." Kusobala, iNkosi yangitshela ukuba ngikwenze ngaleyonkathi.

110 Futhi ngacabanga, "Manje, mayelana neholide elincane labasand'ukushada! Ngaziqongelela imali yami, futhi ngizomthatha ngiye naye ngale eNiagara Falls. Bese ngiya ngale eAdirondack ngithi ukuzingela kancane." Niyabo? Ngakho ngamthatha noBilly, wayeseyintwanyana encane nje. Ngakho ngamthatha saya eholidini labasand'ukushada, futhi lalisohambweni lokuzingela, futhi, niyazi. Ngakho—ngakho ngacabanga ukuthi kungaba yinto enhle ukukwenza. Ngakho-ke ngamthatha ngamkhuphula, futhi i . . .

111 Ngabhalela uMnu. Denton, umphathi wendawo yezinyamazane. Futhi sasenyuka siya eHurricane Mountain. Futhi ngathi, "Mnu. Denton, ngiyakhuphuka, ngifuna ukuzingela ibhere kanye nawe kulesisikhathi sasekwindla."

112 Wayesethi, "Kulungile, Billy, yenyuka." Ngakho wathi, "Ngizoba phezulu lapho ngosuku oluthize-thizeni lwenyanga." Qha-ke, unkosikazi nami safika lapho kusasele usuku, noBilly, futhi ngakho idlangala elakhiwe ngezingodo lalikhiywe ngqi, futhi kwakukhona umpheme omncane ngemuva phezulu emahlathini.

113 Lapho, uMfowethu Fred Sothmann nami esaya khona esikhathini esingeside esedlule futhi sama lapho. UMoya oNgcwele, ngiMbonile emi lapho, lokho kuKhanya okuphuzi kuhamba hamba esihlahleni, noFred emi khona lapho impela. Wathi, "Buyela eceleni, Ngifuna ukukhuluma nawe. Kusasa," wathi, "qaphela, bakucuphile." Wathi, "Xwaya!" Ngabe kunjalo, Mfowethu Fred? Futhi ngahamba futhi ngatshela amakhulu abantu ngalobobusuku, ngale eVermont, ngathi "Ngicushiwe; ngizokubona. Angazi ukuthi kukuphi." Futhi ngabo ubusuku obulandelayo, nakho kufika, kwakulapho. Ngathi, "Nanku unoxhaka ocushiwe." Yebo, mnumzane. Kodwa uMoya oNgcwele wangiholela ekutheni angenzeni. Futhi, o, he, lokho kwakuyikho impela! O, abaningi benu bayazi ukuthi kwakuyini. Anginaso isikhathi sokukuxoxa.

114 Kodwa ngimi lapho kuleyondawo ngalesosikhathi, sekuqala nje ukuba makhaza ngalolosuku. UMnu. Denton wayezokhuphuka ngosuku olulandelayo, ngathi, "Uyazi, s'thandwa, kungaba kuhle uma ngithole e—enkulu inyamazane ukuba ngiyise ekhaya." Ngathi, "Sakwenza . . . Ngiqokelele lab'openi, futhi sisanda kushada." Futhi ngathi, "Singathola inyama yethu yasebusika uma ngingathi ukuzingela kancane namhlanje."

115 Futhi wathi, "Kuhle, qhubeka, Billy." Wathi, "Manje, ukhumbule, angikaze ngibe kulamahlathi," washo. Wayesemamayeleni athi awabe ngamashumi amabili-nanhlanu

phezulu ezintabeni, niyazi, futhi wathi, “Angazi lutho ngalokhu.”

116 Futhi wathi, ngakho ngi. . .Futhi ngathi, “Kuhle, manje, niyakhumbula, kwakuyiminyaka emibili eyedlula ngibulala lawomabhere amathathu. Lokho kwakusemuva ngale phezu kwesicongo sentaba laphaya.” Futhi ngathi, “Manje, ngizothola inyamazane enkulu futhi sizothola ibhere,” futhi ngathi, “siyofaka inyama yethu yasebusika.” Yebo, lokho kwezwakala kukuhle impela, uyazi. (Futhi sakha amajingijolo, futhi sathatha amalahle ethu alobo—alobo busika; futhi ngakho uBilly wawathengisa, futhi uMeda nami sawakha awakusihlwa emva kokuba sekugadeni kwami.) Ngakho-ke nga—ngathi, “Kuhle, ngizocosha isibhamu sami, ngehlela lapha.” Ngathi, “Kukhona inqwaba yezinyamazane ezinezimpondo ezingamagatsha phakathi lapha, ngizoyithola eyodwa.” Futhi ngathi, “Uyazi,” ngathi, “ngizobe sengiyithola-ke.” Futhi ngathi, “Kuhle. . . Ngizosheshe ngibuye.”

Wathi, “Kulungile.”

117 Ngakho, ngenkathi ngiqala ukusuka, kwakuthi akube phansi. Futhi noma ngubani wenu bantu base New Hampshire, futhi phezulu lapho eNew England, uyazi ukuthi kuchaza ukuthini uma leyonkungu yehla, kumbe noma kuyiphi enye indawo ezintabeni, awazi ukuthi ukuphi. Yilokho kuphela. Awukwazi ukubona isandla sakho phambi kwakho. Ngakho ngaleyonkathi ngaqala ukwehla ngedlula e—ekugawuleni okuncane, kanjalo, ngehla, futhi ngawelela ngaphesheya konqenqema ngase ngenyuka. Futhi ngabona uhlobo lwengwe, ningakubiza kanjalo lapha kulengxenye yezwe. Sikubiza ngokuthi, eNtshonalanga, isilwane esifana nebhubesi. Bakubiza ngokuthi, phezulu lapho, yibhubesi lentaba. Konke kuyisilwane esifanayo. Yipuma, siyilokho empeleni. Ikati elifanayo, elithi alibe amafidi ayisishiyagalolunye ubude, elisinda cishe ikhulu amashumi amahlanu, amaphawondi angamakhulu amabili. Lanqamula emgwaqeni, futhi ngahosha isibhamu sami ngokukhulu ukushesha, angangashesha ngokwanele ukuba ngilidubule.

118 Yebo, ngathi nyelele phezulu phezu kwegquma, ngixosha lesisilwane esifana nebhubesi, ngiqaphelisisa amahlamvu lapho kade sihamba khona, uyazi. Ngangisizwa. Sasinezinyawo ezine. Ngangazi ukuthi sasingesiso isilwane esinezinyawo ezimbili, izinyawo zaso ezine. Futhi ngangazi ukuthi sasingesiyo inyamazane enezimpondo ezingamagatsha, ngoba inyamazane enezimpondo ezingamagatsha iyagqishazela. Futhi sasinyelela kalula kabi, ikati, uyazi, kanjalo. Futhi ibhere liyazigoqa izinyawo zalo uma lihamba. Futhi ngakho ngangazi ukuthi kufanele kube yisilwane esifana nebhubesi. Futhi sasisemva kogodo futhi angizange ngisibone, ngaze ngasithi shazi, sase sihambile.

119 Futhi ngayiqaphelisisa indlela esasinyakazisa ngayo amahlamvu, uyazi, phezulu phezu kwesicongo sentaba, naphansi kanje, futhi ngangingalinakile lelofu liza ngaso sonke isikhathi, uyazi, kwehla inkungu. Ngahoshekela phansi, ngehla ngesigodi esikhulu ngase ngehla ngingena emahhelekehleni, ngilandela lesisilwane esifana nebhubesi. Ngacabanga, "Ngizosibamba emva kwesikhashana." Ngangiyibona indawo, futhi ngangigijima phezulu endaweni ephakemeyo, futhi ngibuka ndawo zonke kanjalo, futhi ngilunguza ngapha nangapha, ukubona ukuthi ngingasibona yini; ngilalelisisa impela, bese ngehla, ngibuye ngihosheleke phansi futhi. Wawungakuzwa ukuthinta kufohloka, le phambi kwaso lapho siphuma. Niyabo, sasishaya izihlahla ngaleyonkathi ukuze ngingakwazi ukusilandela emkhondweni. Niyabo, sahlakanipha, sikhwele phezulu ezihlahleni bese sigxuma sisuke esihlahleni siye esihlahleni. Ngakho sasazi ukuthi ngeke ngawulandela umkhondo waso lapho. O, ngacabanga, "O, noma kanjani!"

120 Futhi ngaqala ukubuyela emuva engoxweni enkulu, futhi ngezwa iphunga lebhere, ibhere lenkunzi endala. Ngacabanga, "Ngizolithola manje, mfana, kuhle!" Ngalizwa iphunga futhi, ngathi ukuqhubeka kancane, futhi ngabhekisisa zonke izinhlobo zezimpawu nakho konke. Angibonanga lutho; ngaphenduka ngabuyela ezansi, futhi ngabuyela emuva ezansi ngakwelinye icala lentaba. Ngase-ke ngiqala ukuqaphelisisa, kuba nenkungwana. Futhi ngaphinde ngalizwa iphunga, lalisemoyeni ndawo ndawo. Ngathi, "Qhabo. Manje, okwenzekayo, umoya wawehla uza *ngale*ndlela, futhi ngalibamba iphunga lebhere livela ngapha phansi *ngaleyo*ndlela, futhi ngase ngiwele ngajika manje nomoya uza ngakuleli elinye icala. Ngakho kufanele ngibuyele emuva lapho engihogele khona ibhere okokuqala, futhi ngilithathe kusukela lapho."

121 Futhi endleleni yami sengibuya, ngabuka ngaphesheya kwengoxe, ngazibona izihlahla zinyakaza. Futhi ngenkathi ngikwenza, into emnyama yanyakaza. Ngacabanga, "Nanto." Ngaphonsa igobolondo phezulu esibhanyini, ngokukhulu ukushesha, ngase ngima ngithula. Futhi, lapho lenzenjalo, kwakuyinyamazane enkulu ebanzi, enkulu ebanzi. Ngacabanga, "Yilokho impela ebengivele ngikufuna, nokho." Ngayidubula inyamazane.

122 Ngacabanga, "Kwakuhle!" Angizange nginake ukuthi kwakuthi akube. . .Ngesikhathi ngiyilungisa, ngabuka. . . ngesula izandla zami futhi ngalungisa umese wami, ngawubuyisela. Futhi ngacabanga, "Akabongwe uNkulunkulu! NgiyaKubonga, Nkosi Jesu, Ungiphe inyama yami yasebusika. Makabongwe uNkulunkulu!" Futhi ngathatha isibhamu sami. Ngacabanga, "Ngizobuyela emuva ngqo ngikhuphuke ngengoxe lapha manje." Ngathi, "Awubheke lapha, mfana, kuza isiphepho.

Kungcono ngiphume lapha futhi ngibuyele ngale koMeda." Ngathi, "Kufanele ngisheshe."

123 Ngenyuka ngengoxe, ngaqaqa izinkinobho zebhantshi lami elikhulu elibomvu, futhi ngangigijima ngenyuka ngengoxe kanje, ngokujikeleza. Into yokuqala uyazi, ngacabanga, "Wo, ngijikephi konje?" Umoya wase uvele ususezansi, izihlahla ziyacazela ndawonye. Ngacabanga, "Ngijikephi konje?" Ngazungeza. Nga—ngangazi ukuthi ngangihamba ngiqonde ngqo eNtababeni iHurrican. Kodwa kwenzeka ngama, futhi ngangijuluka, ngacabanga, "Yin'indaba lapha na? Sengihambe ingxenye yehora, kumbe amakota amathathu, futhi angiyitholi leyondawo engijike kuyo." Ngabuka phezulu, futhi nanso inyamazane yami enezimpondo ezingamagatsha ilenga. Ngangikuyo ngqo indawo efanayo. Ngacabanga, "Hawu, ngenzenjani?"

124 Qha, ngaqhubeka futhi. Ngacabanga, "Ngizoyithola ngalesisikhathi, benginganaki nje." Ngabhekisisa nokuncane ukunyakaza ndawo zonke, ngiqaphelisisa. Ngaqhubeka ngicinga, ngicinga, ngicinga. Lawomafu eza, ngiyazi ukuthi isiphepho seqhwa sasesisendleleni, inkungu ihambela phansi, sengiqala-ke ukuqaphelisisa. Ngacabanga, "Ngizothi ukuqhubeka kancane," ngaqhubeka njalo, njalo, njalo, njalo, njalo, njalo, njalo. Futhi ngacabanga, "Awu, kuyisimanga lokhu, kubukeka sengathi ngike ngayibona lendawo ngaphambili." Futhi ngabuka, futhi nanso inyamazane yami enezimpondo ezingamagatsha ilenga. Niyabo?

125 Niyazi ukuthi ngangikuphi? AmaNdiya akubiza ngokuthi "ukuhamba ekufeni." Niyabo, uhamba ushaya indingilizi, ujikajika ujikajika. Cha, ngacabanga ukuthi ngangiwugalagala lomholi ukuthi ngingake ngilahleke. Niyabo, akukho okwakungangitshela ngamahlathi, ngangiyazi indlela yami macala onke. Niyabo?

126 Ngabuye ngaqala futhi. Ngathi, "Ngeke ngilenze leliphutha." Futhi ngabuya futhi.

127 Ngathi ukuhamba ibangana elincane ngenyuka ngengoxe, lapho-ke lase liqalile ukuvunguza. O, he, iqhwa ndawo zonke! Sekucishe kube mnyama impela. Futhi ngangazi ukuthi uMeda wayezofa ngalobo busuku ehlane, wayengazi ukuthi angaziphephisa kanjani. NoBilly wayeneminyaka nje ethi ayibe mine ubudala, eneminyaka emithathu ubudala, eseyintwanyana encane nje. Futhi ngacabanga, "Bazokwenzenjani nje?" Yebo, ngakhuphuka kangaka ngashaya umbhede wobulembu, ngacabanga, "Ngisethafeni ndawo ndawo, futhi angiboni lutho, kunenkungu konke." Ngangihamba ngizungeza manje.

128 Ngokwejwayelekile, ngangiyaye ngizitholele indawo ngibambelele, uma ngangingomunye owayekanye nami. Ngibambelele ngilinde isiphepho size sedlule, usuku noma

ezimbili, bese ngiyaphuma. Ngisike iqatha lami lenyamazane enezimpondo ezingamagatsha . . . phezulu emva kwami, ngihambe ngingene, ngidle, bese ngivele ngiyakhohlwa yiso. Kodwa ungeke ukwenze lokho, futhi umkakho nengane belele phezulu lapho emahlathini, bebhubha. Niyabo?

129 Ngakho ngiqala ukucabanga, "Ngingenzenjani na?" Ngakho ngaqhubeka kancane. Futhi ngacabanga, "Manje, awume. Ngenkathi ngiwelela ngapesheya kulesosigodi sokuqala, umoya ububhekene nami, ngakho kusho ukuthi ngize ngapha. Kufanele ngize ngapha." Futhi ngase ngiduke ngaya ezansi ngangena emahhelekehleni, kodwa ngangingazi ukuthi ngangikuphi. Ngathi, "O!" Ngiqala ukuba novalo. Futhi ngacabanga, "Awume kancane, Bill, awulahlekile," ngizama ukuzikhohlisa. Ungeke ukukhohlise. Qhabo, qhabo. Lowonembeza ongaphakathi uyakutshela ukuthi unephutha.

130 O, u—uzama ukuthi, "O, ngisindisiwe, ngihamba isonto." Ungakhathazeki, linda kuze kufike lolocansi lokufa, futhi uyokwazi ukuthi kwehlukile. Unembeza wakho uyakutshela. Okungaphakathi kuwe kuyakutshela ukuthi usephutheni. Niyabo? Uyazi uma ubungahle ufe ubungeke ubonane noNkulunkulu ongcwele. Njengoba siMbonile izolo ebusuku, ngisho neziNgelosi ezingcwele zimboza ubuso bazo ukuze zime phambi kwaKhe. Uzoma kanjani ngaphandle kweGazi likaJesu Kristu ukuba likwemboze na?

131 Ngacabanga, "O, ngizoyithola." Ngaqala ngaqhubeka. Futhi ngathola ukuthi ngangilokhu ngizwa iNto ethile. Ngase ngiba novalo. Futhi ngacabanga, "Manje, uma ngenza lokho, ngizoba yizicucu." Yenzenjalo ngokujwayelekile indoda elahlekile, iba yizicucu emahlathini. Bese ivele ithatha isibhamu sayo, izidubule; noma iwele emgodini yephuke umlenze wayo, futhi ilale lapho, iyofela lapho. Ngakho ngacabanga, "Ngizokwenzenjani?" Ngakho ngaqala ngaqhubeka ngahamba.

132 Futhi ngangilokhu ngizwa iNto ethize ithi, "NgiluSizo impela esikhathini sokuhlupheka." Futhi ngavele ngangiyilokhu ngihamba ngiqhubeka.

133 Ngacabanga, "Manje, ngiyazi sengithi ukwehla kancane manje, ngizwa iphimbo likhuluma nami." Ngalokhu ngihamba ngiqhubeka. Futhi kuwu, "whi, whi, whi," ngishaya ikhwela, uyazi. Ngacabanga, "Manje, angilahlekile. Uyazi ukuthi ukuphi, mfana! Yin'indaba ngawe? Ungeke ulahleke. U—ungumzingeli okahle kakhulu, ungeke ulahleke." Ukuziqhoshisa, uyazi, ngizikhohlisa mina qobo lwami.

134 Ungeke uwukhohlise. Le phansi *lapha* kukhona isondo elincane eliphendukayo, elithi, "Mfana, ulahlekile futhi uyazi ukuthi ulahlekile. Niyabo, ulahlekile."

135 Ngangilokhu ngiqhubekela phambili. "O, angilahlekile! Ngizobakahle. Ngizoyithola indlela yami yokuphuma." Izinto

ziqala ukubukeka ziyinqaba, imimoya iyavala. Iqhwa liqala ukukhithika, iqhwa elincane elingangezinkobe, sikubiza ngokuthi "ukukhifiza." Futhi ngacabanga ngonkosikazi nengane. Angi . . . Ngacabanga, "O, he!"

136 Khona manjalo ngakuzwa Lokho futhi, kwathi, "NgiluSizo impela esikhathini sokuhlupheka." Futhi ngangingumfundisi weVangeli ngaleyonkathi, ngishumayela khona lapha etabernakele.

137 Ngakho ngacabanga, "Awu, ngizokwenzenjani?" Ngama, ngabuka ndawo zonke, futhi kwase kukhona inkungu isivele iphansi manje. Nga . . . Kwakuyilokho. Ayikhoke into eyayingenziwa ngaleyonkathi. Ngacabanga, "O, ngizokwenzenjani?" Ngacabanga, "Mnumzane, angifanele ukuphila, bengizethemba kakhulu. Bengicabanga ukuthi bengingumzingeli, kanti angisuye."

138 Futhi, mfowethu, bengihlala njalo ngethemba Yena. Ukudubula, nginamarekhode phezulu lapho. Futhi umdobi, angiyilutho, kodwa bengihlala njalo ngethemba Yena. Ukudubula, ngingumdubuli ongelutho, kodwa Ungenze ngenza amarekhode omhlaba akho. Niyabo? Ngidubule inyamazane enezimpondo ezimagatsha, isikhombisa, amayadi angamakhulu ayisishiyagalombili. Ngathatha isibhamu phezulu lapho ngabulala umhlambi wezinyamazane ezingamashumi amathathu-nanhlanu ngingagejanga ukudubula ngaso. Kufundeni nje lokho noma yikuphi, uma ningakwazi. Niyabo? Akusimina, nguYe. Ngethembe Yena.

Ngangilapho, ngacabanga, "Ngizokwenzenjani? Ngizokwenzenjani?"

139 Ngangilokhu . . . Lokho kusondesondela, kusondela, "NgiluSizo impela esikhathini sokuhlupheka, uSizo impela."

140 Ngacabanga, "Ngabe lowo nguNkulunkulu ukhuluma nami?" Ngethula isigqoko sami. Nganginesigqoko sami sokugada, sithandelwe ngeduku elibomvu. Ngasibeka phansi. Ngakhumula ibhantshi lami, laliswakeme. Ngase ngilibeka phansi ibhantshi lami, ngamisa isibhamu sami ngasincikisa eceleni kwesihlahla. Ngathi, "Baba waseZulwini, manje sekungaphezu kwamandla ami, ngizwa iphimbo likhuluma nami. Ngabe nguWe?" Ngathi, "Nkosi, ngizovuma kuWe ukuthi angisuye umzingeli. Angisuye, a—angikwazi ukuthola indlela yami macala onke. Kumele Ungisize. Angifanele ukuphila, nokwenza izinto engizenzile, ngingena lapha futhi ngicabanga ukuthi bengazi kakhulu ngakho ukuthi ngingake ngilahleke. NgiyaKudinga, Nkosi. Umkami ungowesifazane olungileyo. Ingane yami, umfanyana wami, unina sewashona, futhi uzama ukuba ngunina kuye, futhi ngisanda kumshada. Futhi nangu, umfanyana, laphaya emahlathini, bobabili bazofa kulobubusuku. Lowomoya, uzojika wehle cishe ngeshumi

ngaphansi kwezinga-qhwa, futhi abazukukwazi ukuthi bazophila kanjani. Bazokufa kulobubusuku. Ungabadedeli bafe, Nkulunkulu. Ngiyise kubo, ukuze ngibone ukuthi abafi. Ngilahlekile! Ngilahlekile, Nkulunkulu! A—angikwazi ukuthola indlela yami macala onke. Ungengisize? Futhi ngithethelele ngendlela yami qho yokuzazisa! Ayikho into engingayenza ngaphandle kwaKho, Wena unguMholi wami. Ngisize, Nkosi."

141 Ngasukuma, futhi ngathi, "Ameni." Ngacosha iduku lami; ibhantshi lami, ngalicosha; ngagqoka isigqoko sami; ngacosha isibhamu sami. Ngathi, "Manje ngizozimisela ukwedlula konke engaziyo ukuthi kuhanjwa kanjani, ukuqonda kwami okwedlula konke; futhi ngizohamba ngiqonde ngqo ngendlela eyodwa, ngoba ngihamba ngishaya indingilizi ndawo ndawo, angazi ukuthi kuphi. Kodwa ngizohamba ngendlela Ongitshela yona, Nkosi Nkulunkulu, Mholi wami."

142 Ngaqala ngahamba *ngale*ndlela. Ngathi, "Yiyo le, futhi ngifanele ngizenze ngiyikholwe. Ngihamba *ngale*ndlela. Ngihamba ngiqonda *ngale*ndlela. Angizukweduka, ngihamba *ngale*ndlela. Ngiyazi ukuthi ngikahle. Ngihamba *ngale*ndlela." Ukuba ngangihambe ngaleyondlela, ngangiyoye ngiyotheleka ngale eCanada. Niyabo?

143 Ngaleyonkathi nje ngezwa iNto ethile ingithinta ehlombe lami, isandla, kwezwakala njengesandla somuntu, ngokushesha okukhulu ngangokuthi ngaze ngaqalaza ukuba ngibuke. Kwakungekho muntu owayemi lapho. Ngacabanga, "Bekuyini leyo?" Nanti iBhayibheli phambi kwami. UNkulunkulu, uMholi wami noMahluleli, umi lapha. Ngavele ngabuka phezulu. Futhi khona emuva *ngale*ndlela, leyonkungu yavele yasa yahlehla ngaze ngakwazi ukubona umbhoshongo phezu kweNtaba iHurricane. Ngihamba ngqo ngisuka kuyo, ikhono lami eledlula konke lokuzingela, ngangihamba ngiqhela kuyo, sesihambe ngempela isikhathi kusihlwa ngaleyonkathi. Ngaphenduka ngokukhulu ukushesha, ngiziqondisa qobo lwami *kanje*. Ngabamba isigqoko sami ngaphakamisa izandla zami, ngathi, "Ngihole ungiwelise, Nkulunkulu, Wena unguMholi wami."

144 Ngaqala. Ngahamba ngaqonda phezulu ezinhlonhlweni nakho konke ngiya lapho, isikhathi sihamba isikhathi sihamba. Kwase kuba-mnyama. Izinyamazane ezinezimpondo ezingamagatsha zazigxuma phambi kwami, nakho konke. Ngangingasacabangi ngalutho kodwa ngathi angihambe ngendlela eyodwa, khona phezulu kulentaba.

145 Futhi ngiyazi uma ngingake ngifike embhoshongweni, uMnu. Denton nami . . . nami sasiza ukufaka leyontambo ngaleyontwasahlobo. Sabophela ucingo lukathelefoni lusuka eNtabeni iHurricane, lwehla njalo cishe amathathu nengxenye kumbe amamayela amane, lwehle njalo luye enkanjini. Futhi lwehla lwaqonda ezansi ngomkhondo omncane, kodwa, iqhwa

phezulu lapho, wawungeke uwusho umkhondo. Niyabo? Futhi umoya uphephetha nakho konke, kwakumnyama nesiphepho esikhulu seqhwa futhi, ngihamba, wawungeke usho ukuthi wawukuphi. Yebo, into kuphela engangikwazi ukuyenza, emva kokuba sekuhlwile, futhi ngangingazi . . . Ngiyazi ngangihamba ngendlela eyodwa, futhi phezulu le entabeni. Imbangela ngangifanele ukuhamba ngikhuphukele entabeni, nombhoshongo wawusesicongweni ngqo sentaba, futhi nganginamamayela ayisithupha ukuba ngifinyelele kuwo. Cabanga nje, leyonkungu isa ibuyela emuva, amamayela ayisithupha, imbobo eyodwa nje, ngaze ngayibona!

146 Kwase kuthi-ke nga—ngaphatha isibhamu sami nga*lesi*sandla, futhi ngaphakamisa *lesi*sandla, ngoba ngangibophele u—ucingo ezihlahleni kanjalo ngehla, izingcingo zikathelefoni ziya edlangaleni elakhiwe ngezingodo, ukuze akwazi ukukhuluma nomkakhe, bese ebiza elapho, evela entabeni. Futhi ngangizomsiza alwehlise ngalokho kwindla. Futhi isandla sami sasiphakeme *kanje*, ngithi, "O Nkulunkulu, mangithinte leyontambo." Ngihamba, nengalo yami yayiqaqanjiswa ngubuhlungu, ngikhathele, ngangingakwazi ukukubamba, futhi kufanele ngikubeke phansi. Futhi ngashintsha isibhamu ngasifaka ku*lokho*; ngahlehla nyovane amanyathelo amabili ukuze ngiqiniseke ukuthi angiyigeji, ngase ngiphakamisa isandla sami, ngaqala ukuhamba, ngihamba. Sesihambile isikhathi, kumnyama, umoya uvunguza. O, ngangibamba igatsha, ngithi, "Yiyo! Qha, akusiyo." O, yipha . . . Ungakuvumeli kukhale ngezwi elingaqondakaliyo.

147 Emva kwesikhashana, lapho nje sengithi ngilahla ithemba, isandla sami sashaya okuthize. O, he! Ngase ngitholiwe, ngenkathi ngilahlekile. Ngabambelela kulolocingo. Ngavele ngasidedela phansi isibhamu, ngethula isigqoko sami ekhanda lami, futhi ngama lapho. Ngathi, "O Nkulunkulu, kuzwakala kumnandi kanjani ukutholwa, uma ulahlekile." Ngathi, "Kuyoze kube sezansi ekugcineni kwalolucingo, angisoze ngaludedela. Ngizobambelela kulolucingo. Luyongiholela lungiqondise ngqo lapho konke kulomhlaba okuthandekayo kimi kulele khona, khona ezansi lapho. Umkami nengane, ngokuphiyazela, bengazi ukuthi ngikuphi, bengazi ukuthi umlilo ubaswa kanjani, bengazi ukuthi bazokwenzenjani, nemimoya ivunguza, namagatsha eyenda ewa ezihlahleni." Angilokothanga ngadedela lolocingo. Ngalubamba lolocingo lwaze lwangiholela khona impela lapho konke okwakuthandeka kimi emhlabeni kwakukhona.

148 Leso kwakuyisehlo esibi kakhulu, nesehlo esikhulu ukuba ngithole indlela yami yokuphuma, kodwa lokho kwakungesiyo ingxenye yakho. Ngelinye ilanga ngangilahlekile esonweni. Ngahamba ibandla ngebandla, ngizama ukuthola okuThize. Ngaya kuma Seventh-day Adventisti, angitshela

ukuthi, "Gcina iSabatha, yeka ukudla inyama." Ngedlulela ebandleni lamaBaptisti, ibandla lokuqala leBaptisti, wathi, "Vele usukume bese ubatshela ukuthi uyamkholwa uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu, futhi ngizokubhaphathiza, yilokho." Kwakungekho lutho. Kodwa ngelinye ilanga, ngaphandle eshede elincane lamalahle, ngabamba izandla zami ngaziphakamisa, ngabamba okuThize; kumbe, mangithi, okuThize kwangibamba. Kwakuyintambo yokuPhila, uMholi. Futhi Ungihole ngokuphepha kuze kube manje, angizukusisusa isandla sami kulolocingo. Ngibambe izandla zami kuYe. Makuthi izivumokholo, amahlelo enze afuna ukukwenza, ngibambelele kuMholi. Ngokuba konke lokho okwakuyilokhu kukhona njalo emhlabeni nakho konke lokho okuseZulwini, njalo kusho igugu kimi, kusekugcineni kwalentambo. Ungilethe ngokuphepha kuze kube manje, ngiyoMethemba indlela yonke. "Nxa esefikile Yena uMoya oNgcwele, Uyakunihola aniholele kukho konke . . . "

149 Bangane, Ungilethe khona lapho engikhona namhlanje. Ungenze ngaba yilokho engiyikho. NgingaMethula ngokuthokoza kini. Nguyena Mholi kuphela engazi konke ngaye, ngokuba lapha emhlabeni kumbe phezulu Lapho. UnguMholi wami uma ngiyozingela. UnguMholi wami uma ngiyodoba. UnguMholi wami uma ngikhuluma nomunye. UnguMholi wami uma ngishumayela. UnguMholi wami uma ngilala.

150 Futhi uma sengifa, Uyobe emi lapho emfuleni, Uyongiholela ngaphesheya kwendlela. Angiyikwesaba okubi, ngokuba Wena unami. Intonga yaKho nodondolo lwaKho, kuyongiqondisa kungiholele ngaphesheya komfula. Asikhuleke.

151 Baba waseZulwini, ngiyambonga kakhulu uMholi, Lowo Ongiholayo. O, ngezinye izikhathi, Baba, uma ngingaMuzwa macala onke kimi, ngiba nokwesaba. NgiMfuna abe seduze kwami ngoba angazi ukuthi sikhathi sini engiyogijima ngaso ngikhuphukele emfuleni. NgiMfuna abe seduze kwami. Ungalokothi ungishiye, Nkosi. Angikwazi ukukhuluma, angikwazi ukushumayela, angikwazi ukuzingela emahlathini, angikwazi ukudoba ogwini, angikwazi ukushayela imoto yami, akukho lutho engingalwenza ngaphandle kwaKho. UnguMholi wami. Ngijabula kakhulu ukuba ngisho kulelibandla kulobubusuku, ukuthi Wena ungihole kanjani kuzo zonke lezizinto, ukuthi Ungilethe kanjani!

152 Ngangicabanga ngelinye ilanga; akungaphezu kweminyaka embalwa eyedlula, ngimi ezansi lapha emgwaqeni, futhi ngoba umndeni wami wawenze iphutha, akekho owayekhuluma nami. Nganginesizungu sokuhlanganyela. Akukho muntu owayefuna utho ngami. Bathi, "Uyise ungugweva." Futhi, Nkosi, ngakho akekho owayekhuluma nami. Futhi ngiyabathanda abantu. Kodwa ngelinye ilanga ngenkathi ngibamba leyoNtambo! Manje ngiyacabanga, Nkosi, ngifanele ngithi nyelele ngiphume

ngiye ehlane ukuba ke ngithole ukuphumula okuncane. Kwenzani? Akusikho ukuba ngumuntu onesithunzi, akusiyo imfundo; anginayo. Kodwa kwakunguWe, Nkosi. Wena, Nkosi. Ungivumele ngafinyelela emgomeni, ungivumele ngabamba izinhlanzi ezinkulu, ngoba Uyazi ngangifuna ukukwenza. Ungiphe obaba nomama. Ungiphe abafowethu nodadewethu. Ungiphe impilo yami. Ungiphe unkosikazi. Ungipha umndeni. UnguMholi wami, Nkosi. Mangibambe isandla saKho, ungangivumeli nhlobo ngidedele. Uma isandla esisodwa sikhathala, ngiyozishintsha nje izandla. Ngisize, Nkosi.

153 Namanje sengathi yilowo nalowo lapha angathatha leyontambo yokuPhila efanayo, Nkosi, uMoya oNgcwele ongukuPhila kwethu, amandla anikeza ukuPhila. Futhi sengathi Ungasihola sonke usiyise kuleloZwe lokujabula elingaphesheya, lapho khona ukukhathazeka kwempilo kungasekho nomsebenzi wethu emhlabeni sewenziwe, khona-ke akusayikubakhona ukuguga, kungabikhona bantu ababuthakathaka, akusayikubakhona busuku obukhathazayo, akusayikubakhona ukukhala nakuthandaza, akusayikubakhona ukubizela e altare, kodwa siyobabasha lapho njalo njalo, ukugula nokudabuka akusayikubakhona. Asisayikubakhona isono, futhi siyophila ekulungeni kukaNkulunkulu eminyakeni yonke ezayo, ePhakadeni elingayikuphela. Siphe khona, Baba.

154 Namanje, Baba, uma kukhona okhona phakathi lapha kulobubusuku ongakaze ayibambe leyontambo yokuPhila, sengathi bangaYithola khona manje. Futhi sengathi uMoya oNgcwele Ohole . . . Futhi ngingasho kusuka enhliziyweni yami, nesandla sami siseZwini laKho, Ubehlala njalo eqinisile. Ngisephutheni izikhathi eziningi. Kodwa Uqinisile. Makahlale nami, Nkosi. Mangihlale naYe. Futhi sengathi abanye phakathi lapha, abangaMaziyo kulobubusuku, sengathi bangabamba isandla saKhe esingaguqukiyo, ukuze baholelwe ezansi.

155 Futhi ngelinye ilanga siphumela emfuleni. Kuyoba nenkungu ngalokho-kusa, futhi. Ulwandle oludala luyobe luduma, iJordani elidala, amagagasi athi fu, ukufa kuklinya ukuphila kukukhipha kithi. Kodwa, Nkulunkulu, a—angeke ngesabe. Sengakulungisa kudala. Ngifuna nje ukukhumula isigqoko sokuvikela, njengeqhawe, ngiphenduke, ngibuke emuva ezansi endleleni ukubona ukuthi leyontambo ingiholele kuphi. Ngibone lonke ihlane engedlule kulo, nayo yonke indawo enameva, nayo yonke inqwaba yamatshe engalimala kuyo, kodwa ngibambe uCingo. Njengoba Washo, umlobi-zinkondlo washo, "Abanye bedlula emanzini, nabanye bedlula kuzamcolo, abanye bedlula ezivivinyweni ezijulile, kodwa bonke bedlula Gazini." Futhi ngifuna ukuthatha Lokhu, iNkemba endala lapha eyangivikela endleleni, bese ngiYifaka ngiyibuyisele emgodleni waYo, ngimemeze kakhulu, "Baba, thumela ngapesheya

isikebhe namuhla ekuseni, ngiyeza ngizongena ekhaya." Uyoba lapho, Nkosi. Wakwethembisa. Ungeke wehluleke.

156 Busisa wonke umuntu olapha manje. Futhi uma bengazi ukuthi ibanjwa kanjani leNtambo, futhi bengakaze baYithinte, sengathi izandla ezingcwele zingaphakama manje, izandla ezifunayo, izandla ezifisayo, futhi zithinte intambo yokuPhila ezobaholela esifisweni senhliziyo yabo, ukuthula okuphelele nokweneliseka, baphumule kuKristu.

157 Amakhanda ethu ekhotheme, zingabakhona izandla eziphakamayo bese uthi, "Makube yimi. Bamba isandla sami?" O, uNkulunkulu akubusise.

> Nxa indlela yanda idinana, Nkosi ethandeka kakhulu, libala eduze,
> Nxa impilo yami isicish'uk'phela;
> Emfuleni ngiyoma, hola izinyawo zami, bamba isandla sami,
> Thatha isandla sami, Nkosi ethandeka kakhulu, ngihole njalo.

158 Bangabakhona abanye abaphakamisa isandla sabo, bathi, "Nkosi, ngifuna ukuzwa ukuthinta kwentambo yokuPhila kulobubusuku. Ngifuna ukuzwa ukuthi uKristu usengithethelele izono zami, futhi ngifuna ukuba yisidalwa esisha kusukela kulelihora kuya phambili?" UNkulunkulu akubusise. Angabakhona omunye othi, "MangiKuthinte, Nkosi. Mangizilahle qobo lwami?" UNkulunkulu akubusise, dadewethu. "Mangizilahle qobo lwami, futhi ngikuthole, Nkosi, kuWe." UNkulunkulu akubusise. Futhi uNkulunkulu akubusise. Kunjalo. "Mangizilahle qobo lwami, Nkosi. Mangikhohlwe." UNkulunkulu akubusise, mfowethu. "Mangi . . . " UNkulunkulu akubusise, dadewethu. "Mangizilahle qobo lwami nje konke ukwazi kwami." UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Ungethembeli emaswini enziwe ngabantu. Landela uMholi, Uyakuholela kulo lonke iQiniso. "Ngihole, Nkosi Jesu, ngihole." UNkulunkulu akubusise emuva lapho. O, ziningi izandla ebeziphakeme, zifuna insindiso. Manje ngenkathi thina sisa . . .

159 I altare lapha, ungeke ubize i altare, ngoba abantu bahlezi phezu kwalo lonke. Kodwa Ukhona khona lapho. Wazi kahle kamhlophe, ngenkathi kade uphakamisa isandla sakho, okuthize kwenzeke enhliziyweni yakho. UJesu wathi, "Ozwa amaZwi aMi akholwe nguYe oNgithumileyo, unokuPhila okuphakade." Usho njalo? Ngakho kukhona ichibi lapha eligcwele amanzi. Kuzobakhona isikhathi esiningi sombhaphathizo. Asikhuleke.

160 Baba wethu waseZulwini, lomlayezo othe ukuchitheka kancane kulobubusuku ngephimbo elishile, uMoya oNgcwele ungahle ukuba uphume waya ndawo ndawo. Uye lapho Obumiselwe khona, futhi kukhona abaningi, Nkosi,

kulobubusuku, abalishumi nesihlanu kumbe amashumi amabili abaphakamise izandla zabo, ukuthi badinga uMholi. Bayaqonda ukuthi bazama ukuzikhohlisa. Bazama ukuthi "Ngikahle," kodwa phansi le ekujuleni bayazi ukuthi abanjalo. Futhi bafuna ukuKuzwa, Nkosi. Bafuna uMholi. Bafuna ukusayina impela. Wena awufuyi ngokweqisa. Bafuna ukusayina impela mayelana naloluhambo. Abazi ukuthi kufikwa kanjani lapho. Akekho owaziyo ukuthi basiwa kanjani lapho; Nguwe Wedwa. Bazela uMholi olungiselelwe nguNkulunkulu, uMoya oNgcwele. Baziphakamisile izandla zabo.

161 O Moya oNgcwele noMholi, yehlela phezu kwabo. Thethelela sonke isono. Xolela ububi babo. Bathathe ubangenise eMzimbeni kaKristu kulobubusuku, lapho abangezwa khona isikhukhula sikaNkulunkulu sigeleza ngaleyoNtambo eyobaholela ezansi eJordani, nangaphesheya kweJordani ukuya eZweni lesethembiso. Sengathi bangalandela ngqo emva kweZwi. IZwi lathi, "Phendukani, bese-ke nibhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu." Sengathi bangekuzame ngenye indlela. Sengathi bangalandela emva kweZwi ngqo, ngokuba nguYe Ozohola. Lokho yi—lokho yizinyathelo zokukhuphukela ngale size simbambe uMholi. Siphe khona, Nkosi. Sengathi bangaba ngabaKho. Basezandleni zaKho manje, njengemiklomelo, akekho umuntu ongabahlwitha. Ngiyakholwa ukuthi Uzobathatha, njengabantu abasindisiwe. Ngikholwa ukuthi baziphakamisile izandla zabo, bebengeke bakwenze lokho phakathi kubo uma kungekho Into ekhulume nabo. Lowo bekunguWe, Moya oNgcwele noMholi.

162 Bayabona ihora liyavala, inkungu iza phezu komhlaba, izivumokholo ezinkulu ne—nezinto zihlangana ndawonye, amabandla enza umfelandawonye, ayaqoqana. Futhi O, Nkulunkulu, bazama kanjani ukuthi, "Wonke lowo onomdanti ufanele asuke lapha aye eAlaska." Nazo zonke lezizinto abazisongelayo, akukusha kithi, uMholi omkhulu usikhombisile lokho endleleni yeZwi. Sedlula kuyo nje leyongxenye yaLo.

163 Baba, Nkulunkulu, Ukhulume kubo kulobubusuku, futhi ngibanikela kuWe manje njengemiklomelo yeZwi. EGameni likaJesu.

164 Manje, okubekwe phezu kwedeski lapha, Baba, ngamaduku, kungokwabantu abagulayo, omunye yinganyana, mhlawumbe, omunye umama, omunye udadewethu, omunye umfowethu; ngisho namahepheni amancane ahlonywe kuwo. Futhi manje ngiwababamba ngiwaphakamisele eduze kwami. Manje, siyafundiswa eBhayibhelini ukuthi bathatha emzimbeni kaPawulu amaduku nezindwangu, nabantu abagulayo baphulukiswa, omoya ababi baphuma kubantu. Manje siyaqonda, Nkosi, ukuthi uPawulu wayengumuntu, wayengumuntu nje. Kodwa kwakulugcobo lukaMoya oNgcwele olwaluphezu kwakhe olwabusisa amaduku, nokukholwa abantu

ababenakho ukuthi wayengumphostoli waKho. Manje uPawulu ususiwe kithi, kodwa qha uMholi, Usekhona lapha. Futhi, Nkulunkulu, ngiyakhuleka ukuthi Uzowabusisa lamaduku, futhi sengathi uMholi angabaholela endaweni, lokho kuzinikela okuphelele.

165 Siyatshelwa futhi ukuthi ngenkathi uIsrayeli elandela uMholi wabo, futhi beza behlela ngqo eJordani, behlela ngqo (njalo) oLwandle oluBomvu. Kuwo impela umsebenzi ngqo bamiswa, noMholi wabaholela ezansi lapho. Ini? Ukukhombisa inkazimulo yaKhe. Futhi nxa onke amathemba esephelile, khona-ke uNkulunkulu wabuka phansi elunguza kuleyoNsika yoMlilo, futhi ngisho noLwandle oluFile lwesaba futhi lwahlehla, futhi kwaba khona indlela eyenzelwa uIsrayeli ukuba ahambe awelele ezweni lesethembiso.

166 Qiniso, Nkosi, Usenguye uNkulunkulu ofanayo. Lababantu mhlawumbe bangamaKristu, mhlawumbe bakhona impela endleleni yomsebenzi, kodwa balethwe kulendawo enyinyekile lapho ukugula kubanyinyile. Buka phansi ulunguze eGazini likaJesu kulobubusuku, lowoDeveli uzokwesaba, uyohlehla, futhi abantwana baKho bayodlulela esethembisweni sokuphila okuhle. Siphe khona, Baba. Ngizithumela zisuka emzimbeni wami ziya kweyabo, eGameni likaJesu Kristu.

167 Ngiphakamisela phambi kwaKho lelibandla, ngokukholwa ngibathatha ngibaqondisa ngqo e altare elikhazimulayo likaNkulunkulu ngaphesheya eZulwini. Ngokuba sonke isifiso sokugula, noma ngabe yini abanakho okuliphutha, noma ngabe yini okuliphutha ezimpilweni zabo noma yikuphi, Nkulunkulu, bahlanze, benze babe ngabaKho. Baphulukise, Baba. Futhi sengathi aMandla avusa uJesu ethuneni, avuse imizimba yabo efayo futhi ubenze babe yizidalwa ezintsha kuKristu. Banike ukuphila okuhle namandla ukuba baKukhonze.

168 Ngikhumbule, O, Nkosi. Ngiyinceku yaKho. Ngisize, ngimi esidingweni somkhuleko. Futhi ngiyakhuleka ukuthi uMoya oNgcwele uzosihola futhi asisebenzise, futhi asihole kuze kube lusuku sibone uJesu Kristu ubuso nobuso ekuFikeni kwaKhe okukhazimulayo lapha sesiMhlangabeza emoyeni ekuHlwithweni. EGameni likaKristu siyakucela. Ameni.

> Ng'yaMthanda, ngi . . . (Uyamthanda?)
> Ngoba Wangithanda kuqala
> Wang'theng'elinsindiso
> Emthin'eKalvari.

169 Manje, uma ungathandi omunye ombonile, uzoMthanda kanjani ongaMbonanga? Manje uma sicula u*Ng'yaMthanda*, ake sinikeze umakhelwane wethu ukuxhawula okusuka enhlizweni kothando.

Ng'yaMthanda, . . .
[UMfowethu Branham uxhawulana nalabo abangakuye. Futhi uthi, "UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Neville."—Umhl.]
[Ibandla liyaqhubeka licula.]
Emthin'Kalvari.

Manje masiphakamise izandla zenu kuYe.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'theng'elinsindiso
Emthin'eKalvari.

170 Okweculo elimnandi, ningathanda ukulizwa? Ngiyaqonda ukuthi sinohola amaculo ongumvangeli lapha ovela eIndianapolis. Ngikholwa yikuthi ucula eCadle Tabernakele. Ngabe kunjalo? Kulungile, mnumzane. Leyo yindawo yakhe eCadle Tabernakele. Bangaki abamkhumbulayo uE. Howard Cadle? O, he! UNkulunkulu aphumuze umphefumulo wakhe oligugu. Umzwilili womoya, owesifazane engangithanda ukumuzwa ecula, kangcono kunanoma ngubani cishe engake ngamuzwa ecula empilweni yami, kwakunguNkk. Cadle, ecula elithi, "Ngaphambi kokuba uphume ekamelweni lakho namhlanje ekuseni, ucabangile nje ukukhuleka eGameni likaKristu uMsindisi wethu, njengesiHlangu namhlanje?"

171 Khona ngapheshaya komgwaqo lapho ngokunye ukusa, endlwaneni encane endala enamakamelo amabili, ngasukuma, ngangizongena ngibase umlilo. Isitofu sasingavumi ukuvutha. Futhi ngazama ukusiqalisa, nomoya ovunguzayo wehla, wayiphephethela emehlweni ami lento. Futhi kwakumakhaza, futhi ngase ngizoba liqeqeba lamakhaza. Nesithwathwa sigcwele yonke indawo phansi, nami ngingafake zicathulo; ngizama ukuba lesisitofu sethini esidala siqale ukusebenza, ipayipi elincane likahhavini kuso. Futhi ngivele . . . UMeda nami sasisanda kushada kuyisikhathi esincanyana nje. Futhi ngangizama, ukhuni oludala lwalumanzi futhi lungavumi ukuvutha, futhi ngangihlezi lapho, ngacabanga, "O, he! Ngizosizama futhi." Kwakufanele ngiye emsebenzini, futhi ngivuthela lesositofu esidala kanjalo. Futhi ngathi lacu ngavula umsakazo ngale, futhi waqala ukucula, "Ngaphambi kokuba uphume ekamelweni lakho namhlanje ekuseni, ucabangile nje ukukhuleka," ngavele ngawa phansi, "eGameni likaKristu uMsindisi wethu, njengesiHlangu namhlanje?" O, ngithanda kabi ukuzwa lowo wesifazane!

172 Lapho sengiwela emfuleni ngesinye isikhathi, ngikholwa wukuthi ngiyomuzwa uNkk. Cadle ehlezi laphaya. Uyazi, bengihlala njalo nginquma usuku. Ngakulelicala lomfula, kukhona uMuthi ongawohlokisi amaqabunga, uyazi, umuthi wokuPhila; futhi ngapheshaya kwelinye icala lomfula; kukhona

ikhwaya yeziNgelosi ecula imini nobusuku, ngoba akukho busuku lapho, icula usuku lonke, niyabo. Ngiyozitholela indawo bese nje ngiqhiyama ngililalele. Ngikholwa wukuthi ngiyomuzwa uNkk. Cadle laphaya ecula.

173 UNkulunkulu ambusise umfowethu. Ngalikhohlwa igama lakhe. Lithini konje, mfowethu? UMfowethu Ned Woolman uzoniculela manje. Mfowethu Woolman, siyajabula ukuba nawe namuhla lapha ebusuku kanye nathi. [UMfowethu Woolman ucula u *The Chapel Of My Heart*—Umhl.]

